# *ISambulo, Isahluko Sesihlanu Ingxenye II*

. . . ukubuya etabernakele kulokhukusa, nokubika izindaba ezinhle nxazonke, ukuthi iNkosi uNkulunkulu ibilunge kanjani kithi.

2 NgeSonto eledlule ngesikhathi umbono ushiwo, futhi iningi lenu nonke belilapha (ngaleyo nyoka ibulawa esakhiweni): lowombono wenzeka igama ngegama nje kungakapheli amahora angamashumi amabili nane emva kokuba sekushiwo lapha emsamo. Bekuyinkazimulo ukuthi iNkosi ikwenze kanjani. Angikaze ngibone omunye wayo wehluleka e . . . impilo yami yonke, futhi sengineminyaka engamashumi amahlanu nambili ubudala. Ngokuphelele nje, igama negama ngendlela okwenzeke ngayo. Futhi ngizizwela ngingcono kakhulu, ngingcono kakhulu.

3 Futhi manje kukhona konke ebengikhuluma ngakho, ngikusho ngalokho kumangalelwa. Noma, hhayi ukumangalelwa, bekuvela enhliziyweni ethembekile, amadoda amesabayo uNkulunkulu, ngabo inkonzo yami ithole nje kancane phezulu- . . . ingaphezu kwemvelo kakhulu, futhi khona-ke baqala ukucabanga ukuthi bengiyiNkosi uJesu, futhi kwabang- . . . kwaqala imfundiso encane ngakho. Kodwa konke kwamiswa khona lapho. Ngiyayibonga iNkosi ngalokho!

4 Futhi kwathi nje ngingaphuma kukho qobo lwami futhi ngavele ngavumela iNkosi ukuthi ikuthathe futhi ngakunikela eNkosini, ngokushesha kwasekuphelile, ngesikhathi esingaphakathi kwamahora angamashumi amabili nane kwase kuphele konke. Kungishiye nginovalo kancane futhi ngiphatheke kabi kancanyana, kodwa ngizophuma kulokho emva kwesikhashana. Ngoba impela kwakuthi ukwethusa kimi, kodwa ngilungile nje futhi ngikahle.

5 Futhi sibe nokunqoba okuningi kuleliviki, ngifuna ukubika okuthile.

6 Manje, ukube bengilalele lokho iNkosi eyangitshela khona, lokho bekungeke kuvele. Eminyakeni emine eyedlule Wangitshela. Nomkami okhona, emuva ezethamelini lapha ndawo ndawo manje, nendodana yami ihleli . . . ubelapha emsamo emizuzwaneni embalwa eyedlule, futhi abanye abaningi bangizwile ngisho isikhathi nesikhathi, "Lesi yisikhathi sokugcina ngizoba nanoma yikuphi kwalokho kuhlola okufihlakele." Niyabo? Khona-ke kuba . . . Ngizamile ukuphila ngokusondelene ngempela noNkulunkulu futhi, ngokwenza

kanjalo, khona-ke kuveza into ethile njengokwenza abantu baphambane baze bangasazi impela ukuthi bacabange ini.

7 Futhi khona-ke, ecaleni lentela ebesinalo, bekungeke kube khona negama elilodwa ngalokho ukube nje bengilalele iNkosi. Kuhlala kuyilapho engenza khona . . . Lapho ngingaMlaleli khona yilapho la ngihlala ngingena khona enkingeni. Ukube nje bengilalelisisile futhi ngahamba naYe!

8 Futhi khona-ke kuthola i . . . Inkonzo ingaphezu kwemvelo kakhulu ngesinye isikhathi ngize ngi . . . Ngangesaba ukuthi ngizokweqa ngidlule kulowo mugqa. Kodwa, manje, Angiqondile . . . Ngifuna uku . . . wonke umuntu ukuthi, abambe lokhu kahle, ukuthi angiqondile ukusho ukuthi ngiyahamba, ngizoqhela eNkosini, kodwa angisafuni nje ukuzwakalisa noma yikuphi kokungaphezu kwemvelo, niyabo, ngakho-ke ngendlela yokunjengokuhlola okufihlakele ne—nezinto ezinjalo.

9 Manje, iNkosi ibe nomusa kithi ngalesisikhathi; Ivuse uMfowethu Neville, onezwi lesiprofetho; InoMfowethu Higginbotham nabanye abaningi abazalwane lapha abayikho ngempela . . . ngeziphiwo zikamoya ebandleni, benza izimangaliso.

10 Futhi ake ngininike ubufakazi. Kwakukhona uDadewethu Opal Weaver, angazi noma ukanye nathi yini lapha ebandleni kulokhukusa noma qha. Ngabe ukhona lapha, Dadewethu Opal na? Ukuthi ngingahle ngingakwazi uku—ukumbona. O, awu, eminyakeni eminingana eyedlule wayefa enomdlavuza, futhi umdlavuza wawusezindlaleni zowesifazane futhi wakhuphuka wangena ezinsweni zakhe. Futhi bamunika nje lobo busuku obubodwa nje nokho ukuthi aphile, wayesehle kakhulu nje. Futhi ngahamba ngamukhulekela, kwase kufika umbono, futhi waphiliswa ngokuphelele nje. Futhi lokho sekucishe kube yiminyaka eyishumi nanhlanu eyedlule. Uyangena uyaphuma phakathi kwethu iminyaka neminyaka.

11 Ngelinye ilanga wabanesifo esithile lapho waye . . . waba nomphimbo obuhlungu kabi wase eqala ukopha emphinjeni wakhe. Kwaphakanyiswa ukuthi abone udokotela ngokushesha. (Futhi kungesikhathi mina ngangiseCanada.) Futhi washayela ucingo uMfowethu Neville, noMfowethu Neville wahamba wayothola uMfowethu Higginbotham. Angicabangi ukuthi uMfowethu Higginbotham ulapha, kungenzeka ukuthi ukhona, kulokhukusa. UMfowethu Rupert Higginbotham wayengomunye wabaphatheli bethu abadala, umfowethu olungile. Ngabe ukhona lapha na? Ngakho-ke bakhuphuka ukuyokhulekela owesifazane, futhi ngesikhathi sebemkhulekele . . . Ubekade opha manje, angazi ukuthi isikhathi eside kangakanani, izinsuku, izinsuku ezimbili noma ezintathu, futhi wayelokhu ekhafula igazi. NoMfowethu Neville

wamkhulekela futhi akabange esakhafula ngisho neconsi elilodwa legazi. Kunjalo.

12 Futhi khona-ke wayenezimila ezimbili, amakhekheba noma yini olwangeni, uhlobo lwamabhamuza noma noma ngabe yini elenga olwangeni lwakhe; izigaxa ezinkulu, kanjalo. Futhi wayengakaze athole ukukhululeka kuzo, futhi zazi . . . Wathi, "Zicishe zibe ngangosayizi onguhhafu wekinati lehikori." Futhi bezikade zisemlonyeni wakhe isi—isikhashanyana impela, izinsuku. Futhi uMfowethu Higginbotham . . . Njengoba ngingalisho kahle hle lelogama lesiJalimane, Mfowethu Rupert, ungixolele ngalokho. Kodwa nomakunjalo, ngi . . . Futhi ngingahle ngibe nakho kabi lokhu lapha. Noma, qhabo, ngiyakholwa ukuthi u—unesiphiwo sokukhuluma ngezilimi nokuhumusha zilimi. Futhi wayebeke isandla sakhe, kulesisikhathi, ebusweni bakhe. Futhi wathi, "Mfowethu Branham, hhayi izolo, hhayi izolo ebusuku, kodwa masinyane nje lezozindawo zasuka" ngaphandle kolwanga lwakhe. Masinyane nje!

13 Base-ke odokotela bayakhuphuka, babuka emphinjeni wakhe, nayo yonk'into, futhi bathi, "Ufanele aye esibhedlela ngoba unomdlavuza womphimbo."

14 Ngakho si . . . Bamkhipha bamyisa esibhedlela. Futhi bengingazi ngisho nokwazi ukuthi wayephakathi lapho ngaze ngahlangana nomelusi wethu olungile, uMfowethu Neville, phezulu lapha, futhi bengisendleleni yami eya esibhedlela futhi wangitshela ukuthi—ukuthi ubengaphandle lapho. Ngakho ngakhuphuka kuyombona, nomyeni wakhe wayehleli lapho. Nabahlanu, abane noma abahlanu, odokotela babengenile futhi bathatha ucwaningo lwakho, banikina amakhanda abo, bathi, "Lona, ngempela, ngumdlavuza, yigciwane umdlavuza, ngumdlavuza."

15 Ngakho lona osafunda wangena futhi wathatha o—okokubonisa. Wathi, "Lokho, ngaphandle kokungabaza, ngumdlavuza."

16 Futhi ngathi, "Kodwa, dadewethu, uma uNkulunkulu ekuphilisa kanye ngomdlavuza . . . akube noma ngabe yini. Mhlawumbe lawo madoda aqinisile. Ba—bangamadoda aqeqeshiwe kulowomkhakha ukusho ukuthi ngumdlavuza yini noma kubukeka njengomdlavuza nanoma ngabe kuyini. Lokho ku . . . Bangamadoda aqeqeshelwe leyonhloso. Futhi kubukeka njengomdlavuza ngakho bathi ngumdlavuza." Nami ngathi, "Kungenzeka kube kunjalo."

17 Kodwa wayengafuni ukukholwa ukuthi kwakungumdlavuza. Ngakho-ke, ngathi, "Kodwa uma uNkulunkulu ubenga—ubengawuphendula umkhuleko enhla lapho ukumisa ukopha; uNkulunkulu angawuphendula umkhuleko, akhiphe lezo zinto ezinkulu emlonyeni wakho.

Akube noma yini okungaba yikho, angeke yini uNkulunkulu awumise khona lapha na?"

18 Wathi, "Amen!" Nomyeni wakhe ahlezi lapho. Futhi wathi, "Yilokho engigibele kukho njengamanje, ukuthi uNkulunkulu uzowumisa."

19 Ngase ngamkhulekela. Base bathatha okokubonisa ukuhlola, futhi kubuya kuthi "akusiwo" lapho bonke babo babethe kwakungu *mdlavuza*. Niyabo?

20 Ngakho into ukuthi, bangani, ukuthi UnguNkulunkulu futhi Uyawuphendula umkhuleko. Futhi siyajabula kakhulu ukuthi Uyasivakashela lapha kulelitabernakele elincane elithobekile. Alisiyo into engako ukuthi ungalibuka, amabhodi amadadlana esiwaphonse phezulu lapha ndawonye, eminyakeni eminingi eyedlula, ukuze sikhosele phezu kwamakhanda ethu, ophahleni phezulu kwamakhanda ethu, njalo, kulezimvula neqhwa nokunye nokunye. Kodwa abantu abaningi bayaphila namhlanje ngenxa yalomzamo, futhi ngalokho sibonga kakhulu.

21 Siyabonga kakhulu ngabaphatheli bethu. Siyabonga kakhulu ngamadikhoni ethu. Siyabonga kakhulu ngebandla lethu. Futhi siyabonga kakhulu ngomfundisi wethu. Siyabonga kakhulu ngasosonke isipho Asinikeze ibandla. Futhi siyakhuleka ukuthi Uzonikeza lamadoda ukuqonda, ukuthi abasoze baphambukele ohlangothini olungafanele kodwa bahlale ngqo phakathi nomgwaqo naLo. Bangaziphakamisi noma okuthize; noma yini oyenzayo, senivele niphelile khona lapho, niyabo. Hlalani nje nithobekile naLo.

22 Futhi niyabo, manje, bese-ke abantu abangenayo, abagulayo nabahluphekile, ukukhulekelwa ngenkathi ngiphumula manje mhlawumbe unyaka noma emibili, bese-ke uNkulunkulu unikeza indlela yokuyinakekela ngenkathi ngisaphumule okwesikhashana. Niyabo? O, akubongeki yini lokho na? Bekufanele. . .Bekufanele sikubonge lokho na? UNkulunkulu Akazishiyi engenafakazi, futhi ngakho siyajabula kakhulu ngalokho.

23 Manje, kuleliviki elizayo, iNkosi ithanda, ngihlose ukuthatha amantombazane ami amancane asanda kuphuma nje esikoleni eholidini lawo elincane lesikole, ngakho-ke ngiyakhuleka ukuthi nizosikhulekela. Indodakazi yami endala kunawo onke, esesikoleni esiphakeme, ifuna ukubona lapho Paul Revere enza khona ukuhamba kwakhe kwaphakathi kwamabili, lapho ashiya khona ibandla lapho. Futhi thina. . .Kusenhla ngqo lapha eNew England futhi sifuna ukuhamba senyuke futhi sibone lokho.

24 Khona-ke, bengihlala njalo ngifuna kubona i-Old Ironsides. Bangaki abake bezwa inkondlo ye-*Old Ironsides* na? Iyintandokazi yami kunazo zonke engizaziyo; ngaphandle kobuKristu, leyo ngezedlula zonke kimi. Nje ngi. . .Ngiqala

ukuyifunda futhi ngabambeka ngase ngihlala phansi, ngihambahambe, ngibuyele emuva. Ungakucwilisa kanjani emva kokuba. . .Kufana nokuthatha ihhashi nje bese ulibulala emva kokuba selikuphilisile wena nomndeni wakho. mina nje—mina angikwazi nje ukubona lokho. "Ngakho-ke ngizolishabalalisa!" Qhabo, ungakwenzi lokho. Lapho amabhola enganono eBritish ashaya kukho futhi agxuma abuya ezinhlangothini zayo zom-okhi omdala, a—angikwazanga ukubona wena ulikhipha futhi ulicwilise.

> Linikeze onkulunkulu besivunguvungu,
> Umbani nesiphepho!

Ngiyakuthanda ngempela lokho.

25 Futhi khona-ke sifuna ukuza ezansi, noMnu. Kennedy akasimemanga, kodwa sifuna ukubona i-White House ngenkahi siseselapho. Ba. . .Sengibe kuyo kaningana kodwa abantwanyana bafuna ukuyibona. Sizobe-ke sesibuyela ekhaya, iNkosi ithanda. Ngakho-ke sikhulekeleni.

26 Futhi sikhulekela bonke abathandiweyo bethu lapha oseholidini, abaningi babo bathatha uhambo lwabo ezindaweni ezahlukahlukene. Futhi abanye babo bahambile kulokhukusa, ezansi eKentucky naseTennessee nezindawo ezahlukahlukene. Ngakho-ke siyabakhulekela.

27 Manje, bekukhona okunye ebengizokwenza isimemezelo ngakho. O, yebo, inkonzo yombhaphathizo imasinyane emva kwalenkonzo. Bese kuthi-ke—kuthi-ke ngikholwa ukuthi kukhona ukunikelwa kwezingane, umfowethu ubengitshela ngakho, ukunikelwa kwezingane. Nezinto eziningi kakhulu esifanele si re-. . .Uthini na? [Omunye ubuza uMfowethu Branham mayelana nenkonzo yakusihlwa—Umhl.] Awu, angizizweli ukuthi ngithathe zozimbili izinkonzo. Uyabona, ngizothatha eyodwa futhi uMfowethu Neville athathe enye. Futhi angeke ngikwazi. . .Akusikho. . .Lapho sibabili lapha, kungani sisebenzisa kakhulu omunye wethu na? Akunjalo yini, Mfowethu Neville na? Kunjalo impela.

28 Futhi, khona-ke, uDoc ungitshele ukuba ngire-. . . nginitshele nonke ukuthi nibakhumbule. . .izethembiso zenu etabernakele, okungukuthi—okungukuthi ibandla. . .ukuthi bacabanga ukwakha masinyane nje bangathola okwenele okufanele kubekwe ngokwendawo ndawonye kwebandla.

29 Futhi ngakho-ke ngi—ngibe. . .Kwabukeka kimi sengathi bekunokuthile, kufanele ukuthi bekunjalo ngesikhathi ungitshela ngalokho, ukunikelwa kwezinganyana. Yilokho obekuyikho. Futhi sizoba nalokho masinyane nje emva kokuqeda ngalenkonzo manje.

30 Manje, ngabe lokhu kuzofanele kukhulekelwe, izimpahla, ngiyacabanga na? Kulungile, mnumzane. Sizokwenza lokho ndawonye, futhi khona-ke. . .

31 Manje, ngaphambi kokuthi sisondele eZwini . . . Bangaki abalijabulelayo iZwi na? O, he, ngihlala entabeni! Niyaqaphela, be—bewungabona kusukela ngeSonto eledlule ukuthi kusho ukuthini ukukwenza ngendlela kaNkulunkulu. Niyabo? Ngesikhathi sengibonile ukuthi lowo kwakungumoya owawungene phakathi kwalabo bazalwane abayigugu, kwakungekho-ndlela yokuthi umuntu wemvelo akususe lokho. Ngakho-ke into kuphela ebekumele siyenze kwakuwukunikela noma sikubuyisele eNkosini, futhi ngamahora ambalwa konke kwasekuphelile.

32 Manje, umelusi (nami ngihamba), ngokuba ngumsizi wenu kanye nani lapha emsebenzini weNkosi, njengoba uPawulu ubengathi, "Ngiyakuyala phambi kukaNkulunkulu nezingelosi ezikhethiwe," niyabo. Futhi kulelibandla lapha, kunesibonelo esiphelele sokuthi yini ofanele uyenze uma othile ephuma enqubweni ebandleni. Niyabo?

33 Manje, uma kuvela okuthile ebandleni okungalungile, khona-ke makuthi umuntu ngamunye, owaziyo ukuthi lokho akulungile, aye kulowo muntu. Futhi uma umuntu engeke abuyiseke; khona-ke into elandelayo ukuyenza ngukuthatha ufakazi bese uhamba, noma mhlawumbe oyedwa noma ofakazi ababili, bese niya kulomuntu ukwenza ukubuyisana noma niqondise le nto. Manje, lalelisisani! Manje, lokhu kuyaqoshwa, futhi. Bese kuthi-ke uma lokho kungasebenzi . . .

34 Ungalokothi uvumele inkoloze encane, noma into ethile encane enye, umuzwa omubanyana omncane uke uvuke phakathi kwenu. Wususeni endleleni khona manje! Ngakho-ke lokho ngokuncane . . . Yimpungushe encane ebolisa amagilebhisi, niyazi. Ngakho-ke wuqheliseni endleleni! Noma yimuphi umuzwa omncane oxakile, hamba bese utshela lowo muntu ngawo. Uthi, "Ngi—nginephutha. A—angizizwa kahle ngawe, noma okuthile. Ngisize ngikukhulekele, ukuthi ngibengcono." Ngoba, asifuni lutho ngaphandle komsulwa nje, ongaxutshaniswe nalutho, uMoya oNgcwele kaNkulunkulu phakathi kwethu. Yilokho kuphela esikufunayo. Bese kuthi-ke izipho nezinto zizosebenza kahle nayo yonke into izobe isiza kahle.

35 Kungani unohhafu webandla ube ungaba nalolonke na? Kungani uvumela isibambiso lapho izibhakabhaka zonke zigcwele okwangempela na? Niyabo? Asikufuni lokho. Ngakho-ke uma umuzwa omncane oxakile uke uvele phakathi kwenu nina malungu, elinye kuya kwelinye, hamba uye kulowo muntu.

Uthi, "Awu, benze kumina . . . "

36 Lokho . . . kungukuthi . . . Manje, khumbulani, hhayi "uma unephutha noma uphazamile kumfowenu," kodwa "Uma umfowethu enokuthile *ngawe*." Niyabo? Hamba uye kuye futhi nibuyisane, umtshele ukuthi wena—ukuthi ube nomuzwa

oxakile ngaye futhi ufuna ukwenza ubungani, futhi ukhuleke futhi uye phansi e-altare ukhiphe le nto iphume ngaphakathi kwenu.

37 Manje, uSathane uzokushaya njalo ngezibhakela uze uqedwe lapha emhlabeni. Khumbula lokho nje. Awusoze waba nesikhathi ngaphandle kokuthi kukhona ukushaya ngesibhakela ngaso sonke isikhathi, ngoba usempini. Ngabe ucele ukuza kuKristu, ukuya epikinikini na? Awu, impela uzomangala, ngoba kuyimpi yanjalonjalo. Sengibe sensimini iminyaka engamashumi amathathu nanye, futhi ngilwe lonke i-intshi lendlela. Kunjalo. U-Israyeli kwadingeka alwe lonke i-intshi lendlela. Bona—bona . . . IPalestine yanikezwa bona, kodwa kwadingeka balwele lonke i-intshi lendlela ukuyithola.

38 Manje, khumbulani lokhu manje, ukuthi uma . . . Khona-ke uma kukhona okuthile okuza ebandleni, futhi khona-ke makuthi umelusi . . . futhi uma u—uma ufanele uze uzothatha umelusi, ukubayisa kumuntu. Khona-ke uma bengeke balalela lokho, khona-ke wozani ngaphambi kwebandla futhi bese nikusho phambi kwebandla. Banikeze isikhathi esiningi kangako ukuthi babuyisane, mhlawumbe kusuka eSontweni elilodwa kuya kwelilandelayo. Futhi uma bengeke balizwe ibandla, khona-ke iBhayibheli lathi "Bayekele babe njengomhedeni nomthelisi."

39 Lokho, niyabo, inqobo nje uma besavikelwe yibandla, uSathane angeke akwazi ukufika kubo. Kodwa uma ibandla libakhulula ngaphansi kokuvikelwa yibandla neGazi likaKristu, khona-ke uSathane uzoya ukuyobasebenza. Lokho kuzobabuyisa ngqo ekubuyisaneni futhi. Niyabo? Ni—niyakuqonda lokho, anikuqondi, melusi na? Yebo, mnumzane.

40 Ngakho-ke leyo yinto okufanele uhlale ukhumbula ukuyenza, ngukubuyisana, uze kuNkulunkulu futhi uhambe ngendlela kaNkulunkulu. Sine . . .

41 Lokho kufakazela ini kithi na? Ababili noma abathathu babazalwane bethu owaziyo ukuthi ngasebenza ngaphansi kwaleli elinye iminyaka emibili noma emithathu. Kunjalo. Kodwa uma sengifika endaweni ngangicabanga njengalawo madoda, futhi ekugcineni ngavele ngawathanda lawo madoda ngokwenele ukuthi awakwazi ukusuka kukho. Futhi ngathatha ofakazi kodwa lokho akuzange kusebenze. Kwabiza ukuthi ngiyilethe ebandleni. Futhi khona-ke ngivela emsamo ngeSonto eledlule, ngathi, "Angifuni ukuphinde ngiyizwe futhi esinye isikhathi. Ngikhululekile kuyo. Ngiyinikela kuNkulunkulu, niyabo, futhi ngiyinikela emuva kuYe."

42 Futhi ngokushesha kukhombisa ukuthi labobantu babizwa. Ku . . . Manje, ukube babengabizwanga, uma befika ekulungisweni komBhalo . . . Futhi umuntu akakwazi ukumelana nokulungiswa ngomBhalo, uvele athukuthele wonke futhi aqhume, kuyakhombisa ukuthi akekho kahle

noNkulunkulu. Kunjalo! Kodwa ongcwele wangempela kaNkulunkulu uzobuyiswa kuNkulunkulu ngeZwi. Kunjalo. Futhi iZwi yindlela elungisanayo. Labo bazalwane bafanele bambonge kakhulu uNkulunkulu o . . .

43 Niyabo, iBhayibheli lathi o "Kristu bamanga bayovuka ezinsukwini zokugcina futhi bayodukisa nabakhethiweyo impela uma kwakunokwenzeka." Kodwa akunakwenzeka. Qhabo, mnumzane. AbaKhethiweyo wamiselwa ngaphambili, ngakho-ke angeke badukiswa, uyabo.

44 Ngakho-ke masinyane nje labo bafowethu . . . Beza bakhuphukele lapho endlini ngakusasa, uyabo, baze ngisho bafika futhi sebeqale ukunginika umBhalo wabo. Futhi-ke uMoya oNgcwele ngomBhalo wavele wakulahla konke ababekusho. Niyabo? Ngakho-ke nakho la kwakukhona, babona, leloqembu elikhethiwe labantu laphuma langena eBukhoneni bukaNkulunkulu. Kungenza ngibonge kakhulu ngabantu abanjalo. Yebo, mnumzane. Lawo ngamadoda angempela.

45 Lapho ungabona indoda esephutheni, futhi efakazelwa ukuthi isephutheni, khona-ke lokho kuyakhombisa ukuthi ifuna ukuba ngumKristu, ivele ihambe ikhuphuke futhi ithi, "Ngisephutheni." Lowo ngu—ngumKristu wangempela.

46 Kodwa lowomfo ozoqhumisa konke, futhi agijimele ngakolunye uhlangothi futhi athi, "Awu, bekungekho lutho kuLo," futhi kanjena; qaphela, mfowethu, ungabona khona lapho nje ukuthi waphuma ngaphansi kokulahlwa ngoba wayengesuye owethu. Kodwa njalo, melusi, woza kuleloZwi futhi Lizokwenza ngaso sonke isikhathi. Kodwa ufanele uhlale neZwi.

47 Kungalesosizathu uma ngiza, manje, ngiye nga . . . angisenakho okunye ukubona okufihlakele e—eUnited States, angihlosile neze ukuba nakho, impilo yami yonke, ngapheshe ya kwezilwandle nje nasemasimini angaphandle nokunye nokunye. Isizathu, njengesipho, njengesipho sokuprofetha, esizohlala njalo sikhona, kodwa ngizokugcina kimi futhi ngikwenze nje ngoba ku . . . sesi—sesileyithi kakhulu osukwini manje ukuthi khona . . . kuyaqhubeka. Sisondele kakhulu esikhathini sokuphela. Kodwa emasimini angaphandle kuludaba olulodwa noma olubili kuphela emsamo futhi, mfowethu, ngisho ukuthi sekuvele sekuhambile.

48 Khona-ke sinokulingisa kwenyama nje kwaKho. O, he! Kuyadabukisa nje. Bukani, ngifuna uku . . . Mangaki amaPentecostal aphakathi lapha na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Bukani, nina maPentecostal, eminyakeni embalwa eyedlule uNkulunkulu wehlela ngempela phezu kwenu nase niqala ukukhuluma ngezilimi. Kunjalo. Kodwa wenzani udeveli na? Wafika wase enikeza ukulingisa kwenyama kwalokho.

Wenza into ethile eyayingalungile, wehlisela abantu phansi nokukhuluma ngezilimi, nokubenza ukuthi basho amagama athize nezinto ukubenza bakhulume ngezilimi, nokunye nokunye; nendoda ehlala nomkamuntu, nazo zonke izinhlobo zezinto, nazo zonke izinhlobo, nabanye babo bephuza, bebhema, nakho konke, besalokhu bekhuluma ngezilimi. Wakwenzelani lokho na? Ukwenza icilongo langempela linikeze umsindo ongaqondakali kubantu. Khona-ke ngubani ongazilungiselela impi na? Niyabo?

49 Khona-ke uma lokhu kuvela . . . Manje, sinabantu laphaya ezethamelini . . . Kunoyedwa oqinisile . . . uhambe phambi kwami ngqo lapho eCanada ngisho ne . . . Ngani, izithunywa zamqukula njengongqingili. Niyabo? Wathi, "Ngani, uNkulunkulu unginika isipho sokwahlukanisa okufihlakele." Ngathi, "Haleluya, ngine . . . " Wathi, "Manje, iNkosi ingitshele ukuthi omunye umuntu lapha igama lakhe ngu 'John . . . '"

50 Besinowesifazane omncane lapha ngokunye ukusa, ubuyela lapho, niyakhumbula, ubuyela lapho wayesethi, "INkosi inginike isipho esifanayo."

Futhi ngathi, "Awu?"

Wathi, "Ngifisa sengathi ngabe bengithole ithuba lokukufakazela."

Ngathi, "Nanko umsamo."

51 Futhi nibonile ukuthi kwenzekeni; isayensi ephathelene nengqondo emsulwa, niyabo. Kodwa uma ubona, uDadewethu uSnyder eza ekhuphuka, wase emtshela ukuthi wayene "sifo samathambo," lokho—lokho—lokho kwavele kwakuqeda. Ngesikhathi uDadewethu Snyder . . .

52 Ngase-ke ngithi, "Lokho akusikho okungalungile ngowesifazane." Ngathi, "Wawa futhi wephuka inqulu yakhe." Futhi ngathi, "Akamile ngisho nokuma lapho . . . " Kusobala uDadewethu Snyder akezwanga kahle hle, futhi wathi . . . Futhi ayenakho, ngiyakholwa, kwakuyisimila esiswini sakhe noma okunye okuthile okungalungile kanjalo. Ngathi, "Yilokho okuyikho; ngihleli lapha ngikhuluma nabazalwane ngakho sonke isikhathi." Niyabo?

53 Kodwa kuvele nje—nje kukhombise ukuthi ibandla, niyabo, ukuthi kungukuqhathanisa kwenyama, niyabo. Futhi lokho kwenza ini na? Kwenza icilongo langempela . . .

54 Manje, ngesikhathi ngangiseCanada baqukula lo mfo owenyukela phezulu lapho. Futhi wathi (phakathi ngqo kwesigejane sabaseNorway), futhi wathi, "INkosi iyangitshela ukuthi kukhona umuntu othile phakathi lapha . . . " isixuku esiphindwe kashumi kulosayizi, "othize ogama lingu 'John,' mhlawumbe 'Johannes,' 'Johann.'" Wathi, "Khona phakathi ngalapha, ngiyakholwa." Wathi, "Qhabo," wathi "kukhona

phakathi ngalapha ndawo ndawo"; kusobala, wangenisa lonke. . .Ezweni labaseNorway na? Futhi wonke umuntu wayene. . .Amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye awo yiPetrsons, iCarlsons, iJohn, iJohannes, futhi, ngani, ngokuqinisekile. Niyabo, uqinisekile. . .Kufanele kungene lapho ndawo ndawo. Kwase-ke, "INkosi ingitshela ukuthi othile unenkinga yomgogodla, ngizwa umgogodla wami unkenketha." Noma ngubani okhuliswe ngomBhalo uyazi ukuthi lokho yisayensi ephathelene nengqondo. Lokho yi . . . Impela, yikho.

55 Kodwa, niyabo, kwenzeni na? (Yase-ke indoda yathathwa khona lapho yi—yiFBI isuka lapha, yathunyelwa enhla lapho futhi yamthatha yamenyusela enhla lapho, eRoyal Mounted Police.) Nenhlangano yabefundisi yeza kimi, futhi, "Ungqingili," bathi, "ngani, Mfowethu Branham mhlawumbe yinto efanayo. Yindlela nje okusebenza ngayo, niyabo." Kwenzani na? Ukunikeza icilongo umsindo ongaqondakali. Niyabo? Ncamashi nje. Yileyondlela okuhlala kuyiyo, ukuzama ukwenza izinto ezinjengaleyo ukunikeza umsindo ongaqondakali. Lowo ngumsebenzi kaSathane ukwenza lokho.

56 Kodwa, manje, ungalokothi wehluke kuleloZwi. Khumbula, ngiyakuyala phambi kukaNkulunkulu: *Hlala naleloZwi!* Ungalinge neze wehluke kuLo. Futhi uma lezozinto ziphakama phakathi kwabantu nezinto ezinjalo, kukhona okungokoqobo ngaso sonke isikhathi uma uthola okungamanga. Kukhona—kukhona idola mbumbulu, lokho kukhombisa ukuthi bekukhona idola langempela elenziwa ngalo. Uma uzwa umzenzisi othile ekhuluma ngezilimi, angeke usho ukuthi unoMoya oNgcwele. Kodwa, khumbula, ulingisa udatshana lwangempela oluthile olunaso isipho sokukhuluma ngezilimi. Uma nibona lezo zinto ezingamanga, khumbulani, zenziwa ngeyangempela. UNkulunkulu ungumsunguli wazo zonke izinto ezinhle, kodwa uSathane uyazilingisa lezo ziphiwo. Awu, ngifika kulokho, angeke singene esifundweni sethu, asinjalo na?

57 [UMfowethu Ben Bryant uthi, "Mfowethu Branham, ngiyaxolisa nje umzuzu na?"—Umhl.]

Yebo mfowethu.

["Ngiyacela? Bengingekho lapha ngeSonto eledlule, futhi ngithole umoya nje walokho obukhuluma ngakho ezinyangeni ezimbalwa ezedlule. Futhi ngaphazamiseka ngempela ngakho, kancanyana impela nje, futhi ngazizwela ukuthi ngize ukuzokutshela ngakho futhi ngikutshele uMfowethu Neville. Kodwa ngizizwele futhi ukuthi ubuyomazi unkosikazi futhi ngakwenza udaba lomkhuleko. Futhi kulokhukusa ngenkathi ngifika etabernakele, bengingazi ukuthi bekwenzekeni, nomunye wabazalwane abayigugu wafika kimi kulokhukusa futhi wacela ukuthi ngimxolele. Futhi ngiyacabanga lokho bekunguMoya ofana nokaKristu."]

Amen.

[“Futhi ngicabanga ukuthi kuyancomeka kakhulu ngomfowethu.”]

Yebo, mnumzane.

[“Ungicele ukuthi ngimxolele, ngoba ubezama uku . . . ube—ubezama ukuletha imfundiso kimi.”]

Ya.

[“Futhi bengingeyemukele. Futhi ungicele ukuthi ngimxolele kulokhukusa, futhi ngimthethelele eGameni likaJesu.”]

58 Amen. Ngiyabonga, Mfowethu Ben Bryant. Manje, lokho ku—lokho yikho impela . . . Ngiyajabula ukuthi ukushilo lokho, Mfowethu Ben. Uyabo, ngenxa yokuthi lawomadoda abelokhu ekhona yonke indawo enza ukubuyisana. Manje, lokho ngubuKristu bangempela. Lokho ngubuKristu busebenza. Uma usephutheni, khuphuka futhi uvume ukuthi unephutha. Niyabo? Sukuma futhi uthi, “Nginephutha, niyabo, ngithethelele.”

59 Manje, indoda ezama ukucasha ngemuva, khona-ke inokuthile ekumbozayo. Qhabo, mnumzane, ngithanda . . . Njengodokotela omncane lapha o . . . Uyabona, ngeke . . . Yena . . . Ngeke ngimtshele yena khona, kodwa, nomakunjalo, ubenokuncane okuthile abefuna ukukwenza, niyazi. Futhi ngathi, “O, qhabo, Doc, angeke ufumbathise uNkulunkulu.” Ngathi, “Ufanele nje ukundlale phandle lapha ebhodini.” Kunjalo, ukuyeke kwehle ngqo kanjalo. Impela, indoda beyimsulwa ngokuphelele ukuzama ukwenza noma yini eliphutha. Yona nje—yona nje ibicabanga ukuthi bekuyoba yindlela enhle ukuthi ibingathola isiqeshana sendawo. Futhi ibingazami ukukwenza ngobubi, ibizama ukukwenza kahle. Kodwa ibifuna nje uku . . . Yathi, “Ngi . . . ” Ibiyazi ngandlela-thize ukuthi ubengahambahamba, ithole umuntu othile ukuthi enze into ethile ebiyobangela lo mfo ukuba athonyeke ngalapha. Awukwenzi ngaleyondlela. Wena nje uvele uphumele ebaleni ngqo. Niyabo? Hlala ngqo neZwi, futhi khona-ke sewukutholile. Hlala ngqo neZwi! UNkulunkulu wambusisa futhi wamenzela into enkulu. Yebo, mnumzane.

60 Kulungile, asikhothamise amakhanda ethu manje senzele umkhuleko. Bangaki abangathanda ukukhunjulwa emkhulekweni na? Ngazi inenekazi elilodwa elihlezi lapha esihlalweni esimasondo ebeliyothanda ngempela ukukhunjulwa, ngiyethemba. Nalodadewethu lapha, bonke, buka konke ezansi kuyo yonke indawo. Manje, asibeke eceleni yonke into manje bese singena ekukhonzeni. Yingakho silapha, cishe imizuzu engamashumi amathathu nanhlanu elandelayo, imizuzu engamashumi amane, yokukhonza.

61 Manje, Nkosi, njengoba sizithulisa phambi kwaKho, sizizwela ukuthi uJoshuwa wethu omkhulu, uMoya oNgcwele, uMholi wobuNkulunkulu walolusuku. . .njengoba uJoshuwa wathulisa abantu phambi kukaMose futhi wathi, "Sinamandla kakhulu ukuthi singalidla izwe." Ngoba wayebuka, hhayi kulawo ma-Amaleki noma ama-Amori, kodwa wayebuka isethembiso sobuNkulunkulu esasinikezwe nguNkulunkulu.

62 Futhi kulolusuku lwesiyaluyalu nalesisimo umhlaba okuso, futhi phezu kwalokhukusa okuhle kwesabatha, siyazithulisa phambi kwaKho, futhi sisho phakathi kwakho konke ukulingisa, ukuqhathanisa okungokwenyama, phakathi kwabo bonke ububi nemimoya edukisiwe, ukuthi silibuka kanjani iZwi likaNkulunkulu futhi sithi singaphezu kwabanqobi! UNkulunkulu washo ukuthi Uyoba neBandla elingeke laba nabala lingabi nasici kuLo, futhi siyazi ukuthi sizolibona leloBandla ngelinye ilanga. Futhi siyalwa njengamalungu, sikholwa ukuthi singamalungu alelibandla elikhulu elizelwe ngokusha likaNkulunkulu neBandla phezu kobuso bomhlaba namuhla, sisondela ngesizotha kuNkulunkulu eGameni leNkosi uJesu.

63 Futhi njengoba siza ngokuzithoba, sicela ukuthi Uzobeka ezingqondweni zethu nezinhliziyo zethu zonke izinto zomhlaba, konke ukushikashikeka kwempilo nezinkathazo, nokuthi Wena, O Nkulunkulu, uzosibeka esimweni sokukhonza, ukuthi singakhonza Wena ngokuzwa iZwi laKho.

64 Manje, njengoba uJohane, esifundweni sethu kulokhukusa, wakhala kakhulu ngoba kwakungekho muntu ofanelekile ukuthatha iNcwadi, futhi ezinhliziyweni zethu besingakhala izinyembezi kulokhukusa, Nkosi, ngokuba akukho'muntu ofanelekile ukuvula le Ncwadi. Kodwa njengoba ukukhala kukaJohane kwakungokwe sikhashana nje, masinyane nje waduduzwa neWundlu lafika lathatha iNcwadi; O Wundlu likaNkulunkulu, kulokhukusa, woza uthathe iNcwadi futhi usivulele Yona, Nkosi. Silindela kuWe. Ekunganelini kwethu silindele ukuba. . .Sinelise ngoBukhona baKho nangeZwi laKho.

65 Izandla eziningi beziphakamiselwe kuWe, O Wundlu likaNkulunkulu. Siyazi ukuthi Wena wazi yonke inhliziyo, ngoba Bewuzazi zinhloso zabo. Futhi UsenguNkulunkulu nje namuhla njengoba Bewulokhu unguye. Futhi Uyohlala njalo ufana, ngoba Ungophelele futhi awunamkhawulo futhi Awuguquki. Futhi siyacela kulokhukusa ukuthi Uzosenelisa, isicelo sawo wonke umuntu. Siphe, Nkosi, ukuthi bonke bazokweneliseka njengoba baphuma kulesakhiwo, ukuthi bebeseBukhoneni bukaNkulunkulu futhi bahamba nalesosifiso ezinhliziyweni zabo. Nkosi, ungakhohlwa ukungifaka nami kuleso sibalo, futhi. Ngoba ngiyakucela eGameni likaJesu. Amen.

66 Manje, asivule eNcwadini yethu enomusa, silindele ukuthi iWundlu livule izimpawu, noma ukusivulela leNcwadi. Asiphenye manje, sisesahlukweni se 5 seNcwadi ye*Sambulo sikaJesu Kristu*.

67 Manje, nakubangani bami yonk'indawo ezingxenyeni ezehlukene zomhlaba ezizobe zizwa lokhu ngeteyipu yemagnethi, phakathi lapha ngingasho ukuthi ngifanele ngizwakalise izimfundiso nokunye ukwenza lokhu. Futhi noma yimuphi umuntu ongenayo imfundiso akanayo inkonzo. Ngakho-ke uma ungacabangi ukuthi ibandla lakho lifanele lizwe leteyipu, khona-ke bagcine bekude nayo. Kodwa ngizwakalisa umbono wami nokuzizwela kwami, isambulo sami uqobo seZwi likaNkulunkulu.

68 Manje, ezinyangeni ezimbalwa ezedlule sibuyele emuva futhi sendlalela i . . . ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, njalo, sihambile futhi sendlalela isahluko 4, isahluko 3 kuya kwese 4. Futhi manje, ngeSonto eledlule, sendlalele isahluko se 4 kuya kwese 5. Futhi manje, namuhla, sifuna ukwendlalela esesi 5 futhi sibeke isisekelo ngese 6 esizayo.

69 Futhi namuhla yinhloso yami ukumisa ngokohlelo imiBhalo, ukwenzela mhlawumbe esikhathini esizayo, angazi ukuthi kuzoba kunini, kodwa uma iNkosi ihlinzeka, ngelinye ilanga ukuthatha izinkonzo zezinsuku eziyisikhombisa etabernakele nge *Zimpawu Eziyisikhombisa*. Sibe nemiNyaka yamaBandla eyisikhombisa, manje sizothatha ubusuku obuyisikhombisa bezimpawu eziyimfihlakalo zikaNkulunkulu, sivule uphawu ubusuku ngabunye kuze kwehlele eziMpawini eziyisiKhombisa. Manje, angazi ukuthi iNkosi izokuhlinzeka nini lokho, kodwa, uma Ikwenza, ngizobeka nje isendlalelo sakho kulokhukusa.

70 Futhi kwehlela phansi emavesini okugcina alombhal- . . . ingxenye phezulu lapha, noma ingxenye yomBhalo, sizongenisa *AmaSonto Angamashumi ayiSikhombisa kaDanyeli*. Futhi amaviki amathathu okugcina adlule, akuhlanganisa neJubili lePhentekoste okungenisa abantu ku le- . . . izimpawu zokugcina, futhi khona-ke ehlala elungele iWundlu ukuthi livule izimpawu.

71 Futhi, khumbula, lezi zimpawu ziyinto eyimfihlakalo. INcwadi yayinamatheliswe ngophawu futhi kwakungemuva, inezimpawu eziyisikhombisa ezingazange ngisho zembulwe eNcwadini. Lezizinto azibhalwa ngisho nokubhalwa eBhayibhelini. Kodwa, uma noma ngubani anganikeza ukuhunyushwa kwazo, kuzofanele kuqhathaniswe nalolonke iBhayibheli. Futhi, o, ngiqinisekile ukuthi uzothola isibusiso kukho, noma ngicabanga ukuthi uzokwazi. Ngiyethemba nizokwenza.

72 Ngisanda kufika ngigqoke ibhantshi lami ngesikhathi ukuze ngehlele lapha kulokhu kukhanya kwasekuseni, ngoba beku . . .

Bengihlezi phakathi lapho, ngifunda, futhi noMoya oNgcwele wawungengama futhi ungengama ngokulunga kwaKhe. Futhi ngi. . .Ngesikhathi sengibone lokho, ngacabanga, "O, uma nje ngingakusho ezansi lapho ngendlela Onginika khona ngayo lapha, sonke besiyoba nesikhathi sangempela." Kodwa, ngandlelathize, uma sewufika phambi kwabantu, khona-ke awuzizwa engathi ungakwenza uma usunguwe emkhulekweni, noma nanoma yini enye.

73 Kodwa, manje, ukuqala emuva emavesini okuqala, siyathola. . .Manje, ukwendlalela lapho sishiye khona ngeSonto eledlule, siyathola phakathi lapha ukuthi uPawulu, ngaleya kwabase-Efesu 1:13 ne 14, wasitshela ukuthi si. . .sinesibambiso sensindiso yethu, isibambiso sokuhlengwa kwethu. Ngokuba nguMoya oNgcwele oyisibambiso sokuhlengwa kwethu. Futhi lokhu. . .Amaviki ambalwa alandelayo okufundisa azobe wonke esekelwe phezu kokuhlengwa, niyabo, phezu kokuhlengwa, hhayi phezu kokulungisiswa. Qhabo. . .Asekelwe ekuhlengweni; hhayi phezu kwehhovisi lo—lokunxusa, kodwa phezu koku*hlengwa*. O, ifa elalahleka noma ladliwa futhi selihlengiwe labuya kithi futhi, nokuthi konke kwenzeka kanjani nokuthi uNkulunkulu wakuhlela kanjani ngaphambi kokuthi kuze kubekhona umhlaba, nokuthi iBandla lizikiswa kanjani okwehange ngokuphephile.

74 Ngicabanga ukuthi sekufike esikhathini lapho sifanele sazi khona ukuthi sima kanjani. Ungayenza kanjani noma yini ngaphandle uma unokukholwa kulokho okwenzayo na? Ufanele ubenokukholwa. Futhi yileyo inhloso yami yokwenza lokhu kanye nebandla lapha, ngukunikeza amakholwa ukukholwa nokuzethemba ngalokho abakumele, ngoba kuyiZwi leNkosi. Khona-ke inqobo nje uma kungomBhalo kubekwe ngokuzimele kusuka kuGenesisi kuye eSambulweni, emuva naphambili, naphezulu naphansi, hhayi indlela kadeveli ukuhamba phakathi lapho noma kuphi, khona-ke unokuzethemba okuphelele, niyabo, niyazi lapho nime khona.

75 Into efanayo ibiyoba ngodadewethu lapha osesihlalweni samasondo, noma mhlawumbe abanye abagulayo nabahlushiwe. Uma ungaba nokuqonda okuphelele ukuthi "kuyintokozo enhle kaNkulunkulu ukuniphulukisa," akukho mademoni anele ezweni ukukugcina ugula. Niyabo? Kunjalo, uma ukuqonda ukuthi kuyintokozo enhle kaNkulunkulu ukukuphulukisa, ukuthi Ukwenzele wena, futhi uyaqonda khona-ke ukuthi ufanele uhambe wenze into ethile kanjani.

76 Kukanje. Ukuba ngikutshele ngenhliziyo yami yonke. . . Ukuba ubulambile futhi ubulawa yindlala, futhi ubungethemba ngokuphakeme kimi njengomuntu oneqiniso, futhi ngakutshela lapho kwakubekwe khona inkulungwane yamadola, ukuthi ubuyofika kanjani kuyo, ukuthi yimuphi umgwaqo ongahamba ngawo, lapho ngqo ozoya khona, futhi uqonda kahle hle lapho

imali ibekwe khona. Niyabo? Khona-ke bewungaqala ukujabula ngalesosikhathi, ngokufanayo nje njengoba bewunemali, uma ungikholwa.

77 Ngakho-ke, niyabo, ngaphambi kokuthi uke uthole... uzizwele umehluko nje noma yini enye, ungajabula nje ngokuphiliswa kwakho ngokuthi uthi "unakho," ngoba uqiniseke ngempela ukuthi unakho, ngoba unethemba kuLowo okwethembise khona. Niyabo? Niyabo? Ithemba lakho—lakho ukuthi Akawaqambi amanga, futhi Ukutshele ngqo ukuthi kwakulele kuphi, bese kuthi-ke u—unethemba ukuthi uyahamba, usuvele unakho, ngoba lokho ngukukholwa kwakho okuyisibambiso sokuhlengwa kwakho.

78 Ngamanye amazwi, uzama ukuthi uhlengwe ekuguleni, futhi ukukholwa kwakho kuyilokho okuphathekayo kwalokho okubusisiwe...noma, njalo, kuyisibambiso sokuphiliswa kwakho. Inqobo nje uma kunokuthile okuthi enhliziyweni yakho, "NgiyiNkosi ekuphilisayo *wena*," kuhle nje lokho, yilokho konke okudingayo. Lokho ku... O, ungaqala nje ujabule nje, kungenandaba ukuthi kwenzekani. Uma ungakutholi, uma uya ngokuba kabi kakhulu, usajabule nje njengoba bewunjalo, bewukahle nje ngokuphelele, ngoba unaleso siqiniseko ukuthi sekuphelile. Bangaki abakuqondayo lokho manje, asibone isandla sakho. Nakho lapho ukhona. "Ubufakazi bezinto ezingabonwa."

79 Manje, sithola ukuthi ekuqaleni kokuqala kwesahluko, ukuthi sithola ukuthi esokuqa-...isahluko 5 siyisibopho, nguku—nguku—ngukuboshwa kwedayimane okuhlanganisa ingxenye yokugcina yonyaka weBandla, yesahluko 3. Isahluko 4 sisitshela lokho uJohane wenyuselwa eZulwini. Futhi isahluko 5 silungiselela lokhu...Lapho wedlule khona emiNyakeni yeBandla eyiSikhombisa, kwase kuthi-ke uJohane uyaphakanyiswa esahlukweni 4. Futhi isahluko se 5, ubeka nje isigcawu lapha sokuvulwa kweziMpawu eziyisiKhombisa. Njengoba nje enza esahlukweni 1 seSambulo, evula indlela yemiNyaka yeBandla eyisiKhombisa (lapho Ume phakathi kwezinti zezibani zegolide eziyisikhombisa, futhi Ubukeka njengetshe leJasphi neSadiyu), futhi Ulungiselela leyomiNyaka yeBandla eyisiKhombisa.

80 Manje Ulungiselela ukuvulwa kwalezoziMpawu eziyisiKhombisa zokuhlengwa. Niyabo, yilokho isahluko 5 esiyikho. Kungaleso sizathu ngithi nje ukusifunda futhi ngakho-ke ngikuthatha kusukela lapho, futhi ngikhulume ngakho bese nginikeza ezinye izingxenye zomBhalo; yingenxa yokuthi akulona ivesi nevesi, into eyenzekayo, ilungiselela okuthile okuzokwenzeka. Futhi uma uthola amalungiselelo, khona-ke usuvele...sewuvele ukulungele. Futhi yileyo indlela okuyiyo ngokukholwa nanoma yini enye. Manje, lokhu, izimpawu...

81 NginemiBhalo ethile nokuphawula nokunye nokunye okubhalwe phansi lapha. Manje, kwabase-Efesu 1:13-14, si . . . uma ufuna ukukubhala phansi, ukuthi, "Manje sinesibambiso. UMoya oNgcwele uyisibambiso sefa lethu." Ngamanye amagama, Uyisiqiniseko, i*sibambiso* siyi "siyisiqiniseko," i "diphozithi," ukuthi samukelwe kuKristu. Kuyithemba elibusisekile nomushwalense ukuthi sinakho ukuPhila okuPhakade futhi sizindlalifa zakho konke Asithengele khona. O, he! Niyakubona na?

82 O, uma besibekwe uphawu ngoMoya oNgcwele (Ngiqhubeka nokukucaphuna ngoba angifuni ukuthi niphuthelwe yikho), kuluphawu lukaNkulunkulu lokuvumela ukuthi yonk'into uKristu ayifela ingeyethu. NguNkulunkulu ethi, "Sengikwemukele manje, futhi ngizokunikeza loluPhawu ukuthi ulindele lesosikhathi," ekuhlengweni kwethu okugcwele, futhi lokho ngukuthi sesihlengiwe ingxenye kakade.

83 Njengoba ngishilo ngelinye iSonto, ngikholwa ukuthi bekuyilo, phansi *lapha* kulomugqa ongezansi yilapho isoni sigibela khona: udaka, ukungcola, amanyala, inkucunkucu. Manje, u . . . bangahle babe ngabahlanzekile . . . bageze njalo ngemuva kwamahora amane, bangahle bagqoke zimpahla ezinhle kakhulu kunazo zonke, bangahle babezifundiswa ezipholishiwe; kepha babe benyanyeka futhi bengcolile njengezindonga ezikhuntile esihogweni, emphefumulweni wabo. Niyabo?

84 Manje, umKristu ugibela ngaphezulu kwalokho, ngoba unesibambiso sefa lethu phezulu *lapha*. Unyuliwe, waphakanyiswa kuleyonkuncunkulu namanyala; phezulu *lapha*, futhi ugibela ngaphezu kwalo. O, ngiyakuthanda lokho! Njengoba uPaul Rader asho leso sikhathi ogodweni, niyazi, wathi, "Ngigibele kulo! Ngigibele nje kulo!" Ilapho kukhona manje:

> Isiqiniseko esibusisiweyo, uJesu ungowami!
>
> O, ukunambitha okuncane kwangaphambili (Ngivunyelwe ukuqhabula eMthonjeni.) weNkazimulo yaPhezulu!
> Manje sengiyindlalifa yensindiso, ngithengwe nguNkulunkulu,
> Ngizelwe ngoMoya waKhe futhi ngahlanzwa eGazini yaKhe.
>
> Akumangalisi lena yindaba yami, leli yiculo lami,
> Ngicula eyethu indum- . . . ngicula izindumiso zaKhe usuku lonke.

85 Niyabo, ngiphakanyiselwe ngaphezulu kwezithunzi, ngakhishwa enkucunkucwini, ukunambitha kwangaphambili! Sinesibambiso manje sefa lethu eliphelele, ngoba

uNkulunkulu usevele usiphule izimpande zomhlabathi ezintweni zezwe futhi wasihlwanyela ezindaweni eziphakeme; wangiphakamisa, wangihlalisa-ngale, wangiguqula ezintweni zezwe; wasiphula izimpande, amagatsha, yonke into, futhi wangiphakamisa, wangikhipha obumbeni olunodaka, ngaphuma embucumbucwini yakudala yesono; wangihlwanyela esiqongweni seNtaba yaseZiyoni, ngihleli esivandeni sabathandekayo, abaNgcwele bakaNkulunkulu. Futhi manje siyizakhamizi zalowo Mbuso, bafowethu nodadewethu kuKristu uJesu, konke ukungcola nokunindeka nobubi kusukile ezingqondweni zethu. Amanzi ethu . . . imizimba yethu igezwe ngamanzi ahlanzekile nezinhliziyo zethu zifafazwe ngeGazi leNkosi Jesu, noMoya oNgcwele uhlala nomoya waKhe oheleza emagatsheni ethu usuku lonke, usisunduza futhi usiphusha futhi usenza sithathe izimpande ezinhle futhi sikhule sijule phansi. Akumangalisi yini lokho na? “Isibambiso sensindiso yethu.”

86 Ifa lethu elalahleka, lesi sahluko siyalembula. Ifa lethu elalahleka seliphinde labizwa nguMhlengi wethu oyiSihlobo somndeni oyigugu, onomusa. Ukuthi uNkulunkulu wehla kanjani futhi waba . . . washintsha indawo yaKhe ayidlalayo ekubeni nguNkulunkulu futhi wenziwa umuntu, ukuze abe ngumuntu, ukuthi abe ngumuntu onguMhlengi oyisiHlobo somndeni, ukuhlenga abuyise izwe lemvelo kubantu bemvelo. Amen! Ukuthi uNkulunkulu (Ophezulu kwemvelo) waba owemvelo kanjani ukuthi abe yisiHlobo somndeni, ngoba Wayengeke aphikisane nemithetho yaKhe uQobo. Wayefanele eze nge re- . . . ukuhlenga komhlobo womndeni ngoba yileyondlela A . . . lelo yicebo laKhe. Yileyondlela Akwenza ngayo.

87 UNkulunkulu azi ukuthi umuntu uyowa, kodwa Wayengeke enze umuntu awe. UNkulunkulu azi ukuthi umuntu uyolahleka, noma kunjalo Ubengafuni kwasamuntu ukuthi alahleke. Kodwa ukuhlela ukuthi ukuboniswa okukhulu kwezingxenye ezingahlukaniseki zikaNkulunkulu kungahle kubonakaliswe kuwo wonke umuntu, ukuthi Angaba nguMhlengi, Angaba nguMsindisi, umuntu wayefanele awe. Kwakukuye ukuthi awe, khona-ke kwakukuNkulunkulu ukumhlenga futhi. Yileso yire- . . . sifanele sibe nesikhathi sasebusuku, ukwenza isikhathi sasemini sibe kahle. Sifanele sibe nokugula, ukusenza sijabulele impilo. Yonke into, inobuhle nobubi. Manje, futhi uMhlengi wethu oyisiHlobo somndeni . . .

88 Manje, ngifuna ukuthi niqaphele lapha. Ngibuka phansi ngqo esahlukweni se 5, ngesikhathi elibuka, “Ungesabi!” Evesini le 5, “Ungesabi!” Uyabona, kuhlala njalo kune . . . Awufuni ukusatshiswa nganoma yini.

*. . . elinye lamalunga lathi kimi, Ungakhali: bheka, iNgonyama yesizwe sakwaJuda, iMpande kaDavide,*

*inqobile ukuthi ivule incwadi, nokuqaqa izimpawu eziyisikhombisa zayo.*

*. . .futhi, bheka,* bheka, *phakathi ne . . .bheka, phakathi nesihlalo sobukhosi ne . . .izidalwa ezine, . . . phakathi kwamalunga, kumi iWundlu . . .*

89 "I-Wundlu." Kungani engalibonanga iWundlu ngaphambilini na? IWundlu lalihleli esiHlalweni sobukhosi sikaYise, phakathi kwa—kwabaqaphi. UJohane ubengakwazi ukubona phakathi lapho, wabona kuphela lezo ezinamakhanda amane . . .noma lezo zidalwa ezine zime lapho, noma lawo maKherubi amane eme lapho eqaphe iNdawo eNgcwele. Futhi sikutholile ngeSonto eledlule, nakwezinye izifundo, ukuthi wabona lokho kodwa akakwazanga ukubona okwakungaleya kwalokho. Futhi phakathi lapho, khona ngasikhathi sinye, kwavela . . .ngokungaqondakali, ngokungazelelwe, kwaba noYedwa, iWundlu.

90 Manje, kukhombisa ukuthi Kwakungesiso isidalwa semvelo, iwundlu, ngoba Lathatha iNcwadi esandleni sokudla saLowo owayehlezi esiHlalweni sobukhosi; iwundlu belingeke likwazi ukwenza lokho, niyabo. Waye—Waye—WayeyiWundlu, wayenguKristu. Ngamanye amagama, ezingxenyeni zaKhe ezingahlukaniseki Wayethobekile futhi emnene njengewundlu.

91 Manje, qaphelani, kwakuliWundlu elinguMhlengi, iWundlu elinguMhlengi nje njengelokuqala. UNkulunkulu angeke neze aguquke! Amen! Umhlengi wokuqala kwaba iwundlu, ensimini yase-Edeni, kwakuyiwundlu uNkulunkulu alinikela. Futhi nakhu futhi, kuthi ngqu ngaleya eSambulweni, yiWundlu futhi. Ukuzohlenga ini na? Isimo esiwile kanye nefa eliwile lesizwe esiwile sabantu. IWundlu libuyela ukuzohlenga, njengoba elethu lalinjalo ekuqaleni, ukusihlenga.

92 Ukuhlenga ini na? Yini Le Azosihlenga ngayo na? Ukwephula . . .ukukuletha e . . .Noma yini ehlengiwe yinto ethile ebilahlekile. Yinto ebilahlekile futhi khona-ke iyabuyiswa emuva futhi. Yini Ayibuyisa kithi, leliWundlu na? Yonke into esasinayo ekuqaleni.

93 Yini esasinayo ekuqaleni na? UkuPhila okuPhakade. Sasiyizindlalifa zezwe. SasinokuPhila, sasingadingekile ukuthi sife. Sasingadingekile ukuthi sigule. Sasingadingekile ukuthi siguge. Sasingenazinkathazo nhlobo. Lapho kungekho khona imingcwabo, kungekho mathuna, kungekho okubi, kungekho kufa, kungekho zinwele ezimpunga, kungekho mahlombe agobile, kungekho kulila, kungekho kukhala. SasinokuPhila, okuPhakade! Sasinomthetho phezu kwawo wonke umhlaba. Sasingunkulunkulu (yilokho kuphela) emhlabeni; sihambahamba, futhi uma lesisihlahla sasingabukeki kahle sime lapha, besizothi, "Siphuleka lapha bese uhlala ngalapha," futhi besiyokwenza. Imimoya yayivunguza, sasingafuni imimoya

ivunguze, "Thula, thula du," futhi yakwenza. Futhi Wezela ukuzokwenzani na? Ukuzohlenga konke lokho kubuye kithi futhi (O, o, o, o, o, hhe!), sithole konke lokho kubuye futhi.

94 Futhi manje imvelo ngokwayo iyabubula, ilindele ini na? Ukubonakaliswa kwamadodana kaNkulunkulu, ukuze amadodana kaNkulunkulu abonakaliswe.

95 Futhi sinesibambiso sokusindiswa kwethu manje, futhi singathatha umfowethu ofayo ngumdlavuza, futhi ume nalokho kuphefumula okuncane kokuhlengwa, futhi ukhuleke umkhuleko wokukholwa phezu kwakhe ozophendula isithunzi sendoda sibuyele endodeni ephilile futhi; sizokwenzenjani uma impahla yethu ephelele iza? Amen!

96 Imvelo iyakwazi lokho. Imvelo iyabubula futhi nathi sibubula kanye nayo. Imvelo ilindele ukubonakaliswa kwamadodana kaNkulunkulu, ngoba imvelo yaqalekiswa nenkosi yayo. Ngesikhathi inkosi yayo iqalekiswa (ephakeme kakhulu), yase-ke imvelo iwa kanye nenkosi. Kodwa ngesikhathi lo Mhlengi oyisiHlobo somndeni eza (Haleluya!) futhi wahlenga wabuyisa umuntu oyinkosi phezu kwemvelo. Khona-ke imvelo yonke ilindele umuntu, inkosi.

97 Senzani na? Sithatha izembe bese silishelelisa ezandleni zethu futhi sijuqule isihlala phansi uma sifuna ukukwenza; kodwa ngalolosuku asiyikukwenza lokho. Amen!

98 Yonke imvelo ilindele inkosi yayo. Nenkosi ingamadodana kaNkulunkulu eyanikwa lo mhlaba. Manje, uNkulunkulu uzoba namazulu aKhe, kusobala, kodwa lokhu kwanikezwa umuntu. NoMhlengi oyisiHlobo somndeni uzela ukusihlenga sibuyele kulokho esalahlekelwa yikho. Kuhle kanjani pho! Hhe! Ngicabanga nje ukuthi . . . "UMhlengi oyiWundlu."

99 Uma umsebenzi sewuqediwe, sinazo zonke izinto futhi. Hloboluni lwezinto zonke na? Sinawo onke amandla. SinokuPhila okuPhakade. Sinempilo ePhakade. Sinobusha obuPhakade. Sinamandla aPhakade. O, siPhakade nje kanye nePhakade! Futhi, khona-ke, sonke silindele lesosikhathi ukuthi sifike, silindile futhi sibubula, silindile.

100 Futhi le Ncwadi ekasikhombisa yamacebo ayisikhombisa okuhlengwa ilethwe kithi, futhi yilokho okuphethwe yileNcwadi. Manje, sizofika ngale esahlukweni se 10 lapho le Ngelosi enamandla imemezela okuthile ukuthi . . . futhi YayineNcwadi encane uJohane ayedingeka ayidle. Futhi ngesikhathi esekwenzile, wayifaka esiswini sakhe futhi yayibaba, kodwa ezindebeni zakhe yayimnadi.

101 Uma ufanele Uyigaye, khona-ke ibamunyu, wonke umuntu umelene nawe, wonke umuntu ukutshela ukuthi "Ungumgingqiki ongcwele, uyi*lokhu*, *lokho*, noma *okunye*." Niyabo? "U—u—uphambene ekhanda lakho." Ngakho-ke kunzima ukuYigaya; kodwa uma ufakaza ngeNkazimulo yaKhe,

Imnandi ezindebeni zakho. Yilokho kuphela. Niyabo? Futhi uma usukuma emhlanganweni, uthi, "Udumo kuNkulunkulu! Hale-. . ." O, uma wedlula kulokho kuhlaseleka okukhulu, kunzima; kodwa-ke uma sewuphumile kulokho kuhlaseleka okukhulu ongafakaza ngakho, khona-ke Imnandi ezindebeni. Niyabo? Kunjalo. Lokho yileNcwadi yokuhlengwa.

102 Manje, manje, sifuna ukunikeza omunye futhi umfanekiso omncane evesini le 5 lapha, futhi khona-ke sizoqala ngale ku . . . sithole ivesi le 6 futhi bese-ke siyaqala siya phambili. Manje, ngifuna niqaphele ohlelweni lokuhlengwa ukuthi uNkulunkulu wakukhombisa kanjani ngaphambili, Wakusebenza kahle ngokuphelele kuRuthe noBowazi. Mina . . . Yilapho la sigcine khona ngeSonto eledlule. Manje, ngifuna ukuqala khona lapho manje, namuhla, kuRuthe noBowazi.

103 Manje, kuneziteshi ezine, noma, imigamanxo emine kuRuthe noBowazi. Owokuqala nguRuthe *ethatha isinqumo*. Bangaki abake bezwa i . . . mina ngishumayela umlayezo na? Asibone izandla zenu. Ngiyazi . . . Awu, nonke, ngiyacabanga. Ngibenayo lapha, futhi ngabanayo emateyipini nokunye nokunye. URuthe, okokuqala, kwadingeka *anqume* ukuthi wayezohamba ayongena kulelizwe, noma qha, noNawomi. Wayefanele enze isinqumo. Bese kuthi-ke emva kokuba esefikile lapho, into elandelayo ayefanele ayenze ukuthi *asebenze* ensimini kaBowazi; phandle lapho, engafake zicathulo, ekhothoza ngemuva kwabavuni, ekhonza. Bese kuthi-ke emva kokuba ethole umusa emehlweni kaBowazi, kwadingeka ukuthi *alinde* kuze kube yilapho uBowazi ehlenga isihlobo, ukubuyisa konke okwalahlekela uNawomi ngenhloso yokungenisa uRuthe, umMowabi. Bese kuthi-ke isigaba esilandelayo, ngu—nguRuthe *ethola umvuzo*.

Manje, bhekisisani. URuthe, *ethatha isinqumo,* ngokuphelele . . .

104 O, noma ngubani uthi "leloBhayibheli lalingaphefumulelwe," kukhona okungahambi kahle ngabo. Lonke iZwi laLo liphefumulelwe, lonke iZwi laLo lihlangana kahle ndawonye njengesisila sejuba phezu kwe—phezu kwe—phezu kwepulangwe. Kuhambisana ngokuphelele nje ndawonye njengemasonjwana esondweni elinamandla liphenduka, elibekelwe isikhathi ezigidaneni zemizuzwana, ncamashi kahle nje.

105 Manje, qaphelani kulokhu manje, uRuthe, *ethatha isinqumo,* kwadingeka enze isinqumo ukuthi ngabe wayezothatha isinqumo sokuya ngaleya noma qha. Wayemele enze sinqumo. Manje, yileyondlela lonke ikholwa elifanele lenze ngayo. Ufanele ushiye izinto zakho ezikulandelayo njalo ezindala, ufanele ushiye impilo yakho yakudala, ufanele ushiye izinto e—ezindala zezwe.

106 Mfowethu Roy, ngabe uDadewethu Roberson uyagula na? O, bengicabanga nje ukuthi mhlawumbe ubegula noma okuthile. Bengizothi mlethe lapha uma ubegula noma okuthile.

107 Babefanele bashiye izinto zabo ezibalandela njalo zakudala zokuphila, noma okuthile okunjalo, futhi—futhi uwelele ezweni elisha, nabantu abasha obungakaze ubazi ngaphambili. Ngabe yilokho okwenzile, ngenkathi uba ngumKristu na? Esitolo sokubheja, ushiye amakilabhu asebusuku. Ubufanele uze ungene esigejaneni sabantu ababukeka sengathi bebenokudlikiza, baqhaqhazela futhi bathuthumela futhi bakhala, banikina amakhanda abo bagxuma phansi naphezulu, futhi, ngani—ngani, bekuyi—bekuyi—i—i "sigejane sabahlanyayo" kuwe. Ngakho-ke kubiza ukuthi wenze isinqumo sokuthi uzohamba yini noma qha. Kunjalo. Futhi wakwazi lokho ngesikhathi ukwenza, abantu bakho uqobo babezohlekisa ngawe, labo obashiyile. Kunjalo na? Lokho kuyazenzekela nje. Wena nje . . . bafanele balindele lokho okokuqala nje, ngoba yileyo ndlela okungayo.

108 Manje, uRuthe wayenento efanayo. AbakwaMowabi babeyothini kuye lapho esewele ngapesheya kwa-Israyeli, esigejaneni sabantu abayizinhlanya na? Niyabo, wayefanele enze isinqumo. Wayefanele anqume. Futhi ufanele unqume. Futhi, ekugcineni, ngesikhathi esenze isinqumo sakhe, waya ngaleya wangena e—ezweni elisha.

109 Manje, lokho ukulungisiswa. Kunjalo na? Manje, bukani leliBandla. O, kuphelele.

110 Niyazi ukuthi kanjani thina . . . Bangaki abenu abezwa *INzalo ka-Abrahama* ngesikhathi ngishumayela ngalokho na? Ukuthi kukanjani *ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo* kaMoya oNgcwele. Manje, bukani ukuthi lokhu kuyikho yini noma qha.

111 URuthe, enza *isinqumo* sakhe, umfanekiso weBandla, iBandla labeZizwe. Wanquma, futhi wawelela ngapesheya ezweni. Manje, izikhathi eziningi, thina maMethodisti namaBaptisti, sicabanga ukuthi yilokho kuphela ofanele ukwenze. Usanda kuqala nje! Wayengakafiki ndawo nokho, wavele wawela wangena nje ezweni.

112 Manje, into elandelayo ayefanele ayenze, wayefanele *asebenze*. Waba ngumuntu ogcina umthetho. Wayedingeka a "alungise insindiso yakhe uqobo ngokwesaba nokuthuthumela" njengoba wenza. Waphuma wangena ensimini wase embatha izingubo zakhe zokugqoka, futhi waphumela ensimini wase ekhothoza ngemuva kwezincekukazi ukuze athole ukudla kosuku. Ngabe kunjalo na? Wayenzani na? Wayezama ukuthola umusa kuBowazi. Ngakho-ke wasebenza indlela yakhe ngesigaba sokugcina umthetho.

113 Futhi yilokho kanye nje iBandla elikwenzile. AmaLuthela aKukholwa ngokukholwa futhi angena ezweni. Kodwa iMethodisti yafundisa ukungcweliswa, okwakungumbono waLo ongokomthetho, niyabo, "Ufanele wenze okuthile." "Ngifanele ngiyeke! Ngifanele ngidedele izinwele zami zikhule," kusho abesifazane. Impela, abasakwenzi; kodwa bona—bakwenzile, bayekela izinwele zabo zikhule. Kwakudingeka bayeke ukufaka opende ebusweni babo. Abazange bagqoke izikezi zabo—zabo kabi futhi—futhi, noma, ezimfishane njengoba abanye benzile. Kwadingeka benze okuthile. Niyabo? Yilokho akwenza, isimo sokulungisiswa, isimo sokungcweliswa.

114 Manje, lapho ekugcineni esethole umusa kuBowazi, kwenzekani na? Khona-ke uNawomi wamtshela, "Wena *linda* lapha ngesikhathi uBowazi esenza umsebenzi womhlengi oyisihlobo somndeni, ngoba nguye kuphela ongakwenza. Ungumhlengi wethu oyisihlobo somndeni oseduzane, futhi wena linda lapha nje. Ungabe usaya emasimini nhlobo. Ungenzi *lokhu*, *lokho,* noma *okunye*. Vele wena ulinde kuze kugcwaliseke ukuhlengwa kwesihlobo somndeni." Futhi *waphumula*. Amen!

115 Lokho yikho ngqo iBandla elifike kukho kulesisigaba sokugcina sePhentekoste. Niyabo? Ekuqaleni kwePhentekoste bonke basebenza futhi ba "befanele benze *lokhu*," futhi babanyakazisa nakho konke okunye. Manje iBandla lenzani na? IBandla leqiniso li*phumule* nje. Kuyini ukuPhumula na? Nakhu, *ukuPhumula* kungu "Moya oNgcwele," usuku *lwesabatha*. (AmaSevent-day Adentist afuna ukusitshela, niyazi, ngokuba isabatha usuku lwesikhombisa noma into enjalo.) KumaHebheru isahluko 4, wathi, "Thina esesingenile eku*Phumuleni* kwaKhe sesimile emisebenzini yethu njengoba uNkulunkulu enzile kweyaKhe." Khona-ke *isabatha* nguMoya oNgcwele.

116 Futhi ngesikhathi uRuthe wa*yephumule*, kwakungumfanekiso weBandla liphumula ezethembisweni zikaNkulunkulu! Sinesibambiso manje sensindiso yethu. Asikhathazekile noma ngabe sizoya ngaleya noma qha, siyahamba! Kunjalo. UNkulunkulu washo njalo! UNkulunkulu wakwethembisa futhi sinesibambiso (Amen.), sekuvele kwemukelwe, uKristu usesemukelile. Ayikho indlela yokuqhela kuKho manje, sesilapho! Amen! Konke esifanele sikwenze ukulinda kuze kube i. . . Uthatha . . . Wehlile wenza umsebenzi wokuba nguMhlengi oyisiHlobo somndeni. Sinesibambiso sakho njengamanje, silinde isikhathi lapho Ebuya khona.

Bese kuthi-ke into elandelayo uRuthe ayeyiyo, uRuthe wa*nikwa umvuzo*.

117 Yilokho iBandla elikwenzile. Lingene ekulungisisweni, ngaphansi kukaLuther. Langena ekungcwelisisweni, ngaphansi kukaWesley. Langena embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, kulezizinsuku zokugcina. Futhi manje li*phumule* nesibambiso

sefa lethu ukuthi siyazi ukuthi kukhona okwenzekile ngaphakathi kwethu, sedlule ekufeni sangena ekuPhileni, futhi silindele, sibubula kanye nemvelo, ngenxa yaleso sikhathi lapho sizokwemukela khona ukuPhila okungafi, ukugcwala okungafi; imizimba yethu izohlengwa. Yonke into ihlengiwe, futhi silindele kuYe nje ukuthi abuyele esangweni. Amen!

118 Bese kuba yini-ke na? URuthe *wavuzwa*. Yilapho sizovuzwa khona. Yilokho leNcwadi enamatheliswe ngezimpawu eziyisikhombisa izosivulela khona. Yini lezi zinto na? Ziyizimfihlakalo. Azibhalwanga eZwini, zifanele zembulwe nguMoya oNgcwele; kodwa uma uzoqaphela, empeleni, zembulwe zonke phansi kuyoyonke imiBhalo kodwa bezifihliwe kubantu. Uma sifika erolini emva kwesikhashana, uzobona ukuthi kwahlelwa kanjani, lapho-ke uzokwazi ukuthi zivuleka kanjani lezo zinto.

119 Manje, yebo, *uphumule*. Lokho uRuthe ngaphansi kokulungisiswa . . . Niyakubona yini, thanini "Amen." [Ibandla lithi, "Amen!"—Umhl.] URuthe ngaphansi kokungcweliswa, *esebenza,* ogcina umthetho. URuthe, *ephumule,* ulindele uBowazi ukuthi abuye emsebenzini osuqediwe.

120 Manje, uBowazi wethu wawuqeda umsebenzi eKalvari. Kodwa ngaphambi kokuba Afike ukuba asiyise eKhaya laKhe, Uya eKhaya kuqala (kuJohane 14) ukuyosilungisela indawo. Udumo!

> Izinhliziyo *zenu mazingakhathazeki:* uma *nikholwa nguNkulunkulu, kholwani futhi nayimi.*
>
> *Ekhaya likaBaba kunezindlu eziningi: ukube* bekunge*njalo*, *Ngabe nginitshelile*. Kodwa ngizo*hamba* futhi ng*iyonilungiselela indawo*.
>
> *Futhi* . . . buya *futhi,* uku*zonemukela* . . .

121 Niyabo, Bowazi uya ezansi, wenzani na? Uya ezansi, uyama . . . wathatha amalunga wabe eseya phambi kwesango, wakhumula isicathulo sakhe, futhi wathi, "Makwazeke namuhla ukuthi ngimhlengile uNawomi nalolonke ifa lakhe." Wathola abakwaMowabi kanye nalo.

122 Futhi ngesikhathi uJesu efika, ngubani Azela ukuzomhlenga na? U-Israyeli. Wenzani ekuthatheni u-Israyeli na? Wathola uMlobokazi wabeZizwe. Impela, Wakwenza, ngesikhathi Athatha u-Israyeli. Wahamba . . . Futhi Waya kwabaKhe uQobo, Wayefanele. Kwakuyini into yokuqala Ayefanele ayenze na? Ukuhlenga abangabaKhe uQobo. Futhi neBandla labeZizwe lingudade nje kulowo wesifazane, ibandla lakwa-Israyeli. Impela! Ngakho-ke Wayefanele ahlenge u-Israyeli ukuze athole *Leli*. Futhi wayefanele ahlenge uNawomi ukuze athole uRuthe, umlobokazi wakhe.

123 Manje, wenzani na? Ngaphambi kokuthi akwazi ukumthatha . . . O, udumo! Whewu! Wenzani na? Uyaphuma uya epulazini, ngicabanga ukuthi wapenda konke wase ebeka izindwangu ezintsha kwiphansi. O, yena—yena kungahle ukuba wakha indlu entsha. (Odabeni lwethu, yiNdlu entsha.) Futhi walungisa konke, wase ebuyela emuva egaxe izimbali zomshado. Amen!

124 Wayenzani uRuthe na? Akukho nokukodwa. Ukuphumula! Ukulinda! Kungasekho ukukhandleka, kungasekho ukukhungatheka!

125 "Ngabe ngifanele ngibe yiMethodisti na? Ngabe ngifanele ngijoyine iBaptisti na? Ngabe ngifanele ngibe yiPresbyterian na?" Qhabo, mnumzane, thola nje uMoya oNgcwele futhi uphumule. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

> Sibheke ukufika kwalolosuku olujabulisayo lwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, (Udumo!)
> Lapho iNkosi yethu ebusisiweyo iyofika ihlwithe uMlobokazi waYo olindileyo;
> O! Umhlaba uyabubula, ukhalela lolosuku lokukhululwa okumnandi, (Konke kwawo: imvelo iyabubula, amacembe omkhiwane, yonk'into ilindele lolosuku lokukhululwa okubusisiwe.)
> Lapho uMhlengi oyisiHlobo somndeni ebuya futhi athathe uMlobokazi waKhe.

126 Manje Uphumule. Ngaphansi kokungcweliswa na? Qhabo. Ngaphansi kokulungisiswa na? Qhabo. Kodwa ngaphansi kwakho kokubili *ukulungisiswa, ukungcweliswa,* nangaphakathi eku*Phumuleni.*

127 Manje, u-Isaya, isahluko 28 ivesi 18, Lithi:

> . . . *isiyalezo phezu kwesiyalezo,* . . . *umudwa phezu komudwa,* . . . *lapha ingcosana, nalapho ingcosana:* bambelela kulokho okuhle.
>
> *Ngokuba ngezilimi ezingingizayo* nezinye izilimi Ngi*yakukhuluma kulababantu.*
>
> . . . Futhi *lokhu ngukuphumula,* leli yisabatha . . . yilapho iBandla lingena khona ukulinda.

128 Buka ukuthi siza kanjani sidlula ekulungisisweni, ekungcwelisweni, manje singene embhaphathizweni kaMoya oNgcwele: siphumulile, silindile. Ini na? Futhi manje, manje, uma sifika kulezambulo lezi nizobona ukuthi kuyini manje. Niyabo? Kanjani nje ukuthi . . . Lezi zinto bezingeke zifundiswe kuze kube yilolusuku. Azizange, bezingeke zifundiswe. Zazingavulelwanga amadodana abantu. IBhayibheli lasho njalo. Nginganikhombisa lapha emBhalweni ukuthi kwasho ukuthi

bekungeke kuvuleke kuze kube (amadodana abantu), kuze kube yilolusuku. Futhi manje sesiyakuphetha kulezi zinto ezinkulu ezibusisekile. Manje . . . Kulungile.

129 Ivesi 6 . . . Noma ingxenye ye 5, ilunga evesini 5 beliqinisile ngesikhathi lithi, "Bhekani, iWundlu!" Kodwa, ngesikhathi eqalaza, wabona iNgonyama. KwakuyiNgonyama esikhundleni seWundlu. Kodwa-ke kwakuyini na? Umsebenzi wakhe wokulamulela wase uqediwe, ukulamulela. Waye . . . wayeka ukuba nguMlamuleli ekupheleni konyaka weBandla, ukuthi abe yiNgonyama yesizwe sakwaJuda, umsebenzi waKhe wokulamulela wase uqediwe. Futhi Wayezoba yiNgonyama okwakungumaHluleli, manje, futhi Wathatha . . . ngesikhathi Ethatha iNcwadi esandleni.

130 Manje, khumbulani, ngenkathi umuntu eye ukuyohlenga (Ungakukhohlwa, manje.), lapho umuntu eye ukuyohlenga, wathatha amadoda kanye naye futhi waya emasangweni omuzi, engamalunga, futhi lapho wa—wa—wamemezele inhloso yakhe yokuba lapho. Yilokho akwenzayo, waya esangweni, wathi, "Ngilapha ukuzozisho njengomhlengi oyisihlobo somndeni nakulelifa, futhi ngilapha ukuzazisa phambi kwalamalungu edolobha." Niyabo?

131 Futhi ngesikhathi i . . . uJohane wakhala izinyembezi. Manje, othile, njengoba ngishilo evikini eledlule, bathi, "uJohane wakhala ngoba wayengatholi muntu ofanelekile." Kwakungesikho lokho. Umuntu ongaphansi kokuthonywa kuka Moya oNgcwele wayengeke akhalele lokho. Wacabanga ukuthi, "Ngoba wayengafanelekile," mhlawumbe uJohane ngokwakhe wayengafanelekile. Akukho umuntu ofanelekile. Kodwa akakhalanga izinyembezi ngenxa yalokho.

132 Ngikholelwa ukuthi wayekhala izinyembezi ngenjabulo ngoba wayebone lonke uhlelo lokuhlengwa olwalulotshwe kuleNcwadi lapha. Kwakungesikho ngenxa yokuthi kwakungekho muntu ofanelekile, ngoba, lapho kwama iWundlu khona lapho elalifanelekile. Ngakho wayekhala izinyembezi, lapho wathi, "O, udumo kuNkulunkulu!" Mlaleleni ngokuqondile ngesikhathi eqala ukumemeza. Manje, kodwa simthola lapha ekhala izinyembezi ngoba wayejabule kakhulu ngenxa yokuthi iWundlu lase liyithathile iNcwadi lenzela i . . . esandleni saKhe lowo ohlezi esiHlalweni sobukhosi.

133 Futhi masinyane nje esenzile . . . Ngesikhathi leNgelosi, leNgelosi enamandla, imemeza ithi "Ngubani ofanele na?" yayikhangisa khona lapho-ke, yayikhangisa ngoMhlengi oyisiHlobo somndeni. Futhi masinyane kamuva, yathi, "Ngubani ofanele ukuthatha iNcwadi na?" Khona-ke okuthile . . . Khona-ke uJohane waqala ukukhala izinyembezi. Kwabe sekwenzekani-ke na? Wabona, nakho kumi iNcwadi. YaYilapho, kepha ngubani owayefanele na?

134 Awu, nakho kwakumi uGabriyeli, kusobala, wayefanele; kodwa, niyabo, wayengesuye umuntu, futhi wayeyiNgelosi. Futhi nakho kwakumi uMikhayeli, wayefanele; kodwa wayengesuye umuntu, wayeyiNgelosi. Ngakho-ke kwakufanele kube ngothile owaba ngumuntu wasemhlabeni njengoa nathi sasinjalo. Futhi khona-ke ngenkathi esebone leliWundlu elalihlatshwe selokhu kwasekelwa izwe, likhuphuka, futhi wabona ukuthi Lalihlatshiwe yonke indlela kuyofika ekusekelweni kwezwe, khona-ke uJohane wakhala izinyembezi. Amen! Ngoba kwakulapho, wayibona yonke into. Niyabo?

135 Futhi yathi nje ingakhangisa nje "Ngubani ofanele na?" yayikhangisa ukufika koMhlengi oyisiHlobo somndeni. Futhi nangu Emile, iWundlu. Futhi Lenzani khona-ke na? Lahamba laya ngale esiHlalweni sobukhosi lapho uMoya kaNkulunkulu wawukhona, lase lithatha iNcwadi esandleni sokunene saKhe ohlezi esiHlalweni sobukhosi. Futhi onke amalunga awa phansi futhi athi, "Ufanelwe Wena ngoba Wena wahlatshwa." Niyabo? Khona-ke Waba ngalesosikhathi...iNcwadi yaKhe, noma okungenani iNcwadi yokuhlengwa, noma—noma iNcwadi yokunxusela onyakeni weBandla yase iqediwe, manje Useba nguMhlengi.

136 Manje, ukwembulwa kokuthi Wakwenza kanjani kuzoba kuleziziMpawu eziyisiKhombisa. Manje, siyaqaphela e... njengalapho iNcwadi yaKhe yomsebenzi wokulamulela isiphelile, umsebenzi wawusuqediwe, manje ezahlukweni zokuqala ezintathu zeBandla, sekuqediwe. Kodwa manje ukuhlengwa, ukuhlengwa kusazokwembulwa. Kuyini na? Manje, ngesikhathi Ethatha leNcwadi...Manje, zamani ukugqoka ukucabanga kwenu okujulile, ngoba, sike sithole lobubusuku obuyisikhombisa, nizo—nizokuthola manje.

137 Uma ningakutholi, phakamisa isandla sakho nje, uthi, "Angi—angikutholi," niyabona, bukani, ngoba ngifuna niqiniseke manje.

138 Manje, qaphelani "Ukuhlengwa." Emva kokuba, ngokushesha emva kokuba ukunxusa kwaKhe sekwenzelwe iBandla, khona-ke Uyazembula Yena uqobo njengoMhlengi oyisiHlobo somndeni. Niyakulandela lokho manje na? Futhi manje Uzokwembula eBandleni ukuthi Wakwenza kanjani. Futhi khona-ke uma lesisambulo sesivele siqalile, khona-ke lokho kuyafakazela ukuthi sesisekupheleni komgwaqo. Amen! Manje, niyabona nje ukuthi ngabe Lokhu...noma ngabe Kuqinisile yini noma qha, njengoba sedlula emBhalweni lapha.

139 Siyathola ukuthi: Yini eyayembulwa na? Siyini isambulo sokuhlengwa, sahlengwa kanjani na? Bukani lapha nje kuleminyaka embalwa yokugcina lokho okwenzekile: isambulo seGama likaJesu embhaphathizweni wamanzi, isambulo sokuthi asikho isihogo saPhakade, akukaze kwaziwe phambilini

(ukucabanga ukuthi abathandekayo bakho bayoba Phakade). Niyabo?

140 Futhi angeke ube nokuPhila okuPhakade ngaphandle uma usindisiwe. Unokuphila okuPhakade, khona-ke angeke ushiswe esihogweni Phakade. Uzojeziswa ngezono zakho ngempilo yakho yemvelo, kodwa angeke ube nokuPhila okuPhakade esihogweni. Uma unokuPhila okuPhakade, khona-ke angeke ushe Phakade ngoba kunohlobo olulodwa kuphela lokuPhila okuPhakade. Futhi nginesiqiniseko ukuthi iBandla liyakuqonda lokho.

141 Manje, kuyini na? Yiziphi ezinye izinto na? Uhlelo lokuhlengwa. Ake nibuke nje lokho esinikezwe khona kamuva nguMoya oNgcwele, niyabo: Inzalo ka-Abrahama, ukuthi isambulo besisho ukuthini.

142 Inzalo yenyoka. Niyayibona leNcwadi yeSambulo na? Bukani lapho sesifika kuyo, ukuthi ihlubeka kanjani. Futhi ngikufakazisile khona lapha ngomBhalo, lelo iQiniso ngempela. Ngibuyela ngqo emuva eSambu-. . . noma, ngithi ngqu emuva kuGenesisi futhi ngikucoshe futhi ngikhombise lapho lolophawu seluvulekile lubuya ngqo kudabule phansi eBhayibhelini, kusukela kuGenesisi kuya eSambulweni.

143 Cabanga nje, kusukela kuGenesisi kuya eSambulweni akuzange kubekhona umuntu obhaphathizwa egameni lika "Yise, iNdodana, Moya oNgcwele." Ngumbhaphathizo wamanga! Ngama phambi kwabashumayeli abangamakhulu amathathu nokuthile benhlangano enkulu yabafundisi baseChicago ngelinye ilanga, futhi ngakufakazisa lokho baze bonke bakhala omunye komunye. Amashumi ayisikhombisa abo uyeza ukuthi azobhaphathizwa eGameni leNkosi Jesu.

144 Futhi inzalo yenyoka beyilokhu ikhona kusukela kuGenesisi! Uma inyoka ingazange. . . ukube yayingenayo inzalo, khona-ke uKristu akazalwanga; ngoba Uthe, "Ngizobeka ubutha phakathi kweNzalo yakho nenzalo yenyoka." Futhi uma inzalo yenyoka kwakuyinganekwane kanjalo-ke noKristu wayeyinganekwane, kanjalo-ke neBandla liyinganekwane, niyabo yikho konke, awukwazi ukukwehlukanisa. Inyoka yayinenzalo, futhi yilokho okubantengantengisayo. Kungani bengakuqondi na? Ngoba abanaso isambulo sakho.

145 Kungani bangezi futhi baphikisane ngakho nami na? IPulpiti livulekile sonke isikhathi, ngingahlangana nanoma ngubani. Ngeke ngiphikisane nabo, kodwa ngineqiniso ukuthi ngiyokuxoxisana nabo uma befuna. . . Ngababuza khona lapho phambi kwenhlangano. Ngifuna abanye benu ukuthi bangitshele lapho kuliphutha khona! Musa ukuqhela ekhoneni futhi ukhulume ngami, mayelana nakho, woza phambi kobuso bami futhi ume. Ake si—ake sibenakho ngempela, ake sikhuphukele lapha futhi sibone ukuthi ngubani oqinisile

nosephutheni kukho. Kodwa bangeke babhekane nakho. Ngokusobala, bazi kangcono. Niyabo?

146 Isizathu, akusimi, kodwa nguMoya oNgcwele, yona kanye nje iNgelosi kaNkulunkulu eniyibonayo. Kuthiwani ngalezizinsuku lapha lapho zonke lezizinto ezenzekile, naleNgelosi yeNkosi ima eduze na? Bengingeke ngizazi lezi zinto, kodwa sekulihora, selilapha. Uma siqeda ngalaboMoya abayisikhombisa, izimpondo eziyisikhombisa, nezinto, namuhla, uma iNkosi ithanda, uzobona ukuthi ikuphi. Yi—yihora esikulo lapho ukuthi lezizambulo zifanele zifike. YiNcwadi yezambulo, ukwembulwa kukaJesu Kristu. Futhi siyathola ukuthi, sona kanye isahluko sokuqala, Wembula ukuthi Wayengubani. Futhi manje Uthola iziMpawu eziyisiKhombisa, embula ukuthi Wawuhlenga kanjani umhlaba.

147 Futhi okunye kwakho kwakungeGama likaJesu Kristu. Okunye kwakungukususa ukwesaba kubantu, njengokuthi: Phakade, ukuhlengwa okuPhakade, ukulungisiswa ngokukholwa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kanye nani na? Ukuthi sivikeleke Phakade, sisusa konke ukungabaza kusuke kubantu. Uma unesibambiso sensindiso yakho, uNkulunkulu usevele ukubeke uphawu kuze kube usuku lokuhlengwa kwakho. Kwabase-Efesu 4:30 uthi:

> . . .*Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa uphawu* kuze *kube usuku lokuhlengwa* kwakho.

148 Manje, ukuthi uzo—uzohlubuka kanjani na? Ungahle uhlubuke, kodwa angeke ulahleke. Futhi uma uhlala kulesosimo, kukhombisile ukuthi wawungenaKho kwasekuqaleni. Kodwa uma ungumntwana kaNkulunkulu, "Isikhonzi esake sahlanzwa asisenawo unembeza wesono," kusho amaHebheru. Yiqiniso lelo. Khona-ke ungeke—ungeke ube ngumKristu, angeke ube noMoya oNgcwele futhi ugijimele ngaphandle bese uphila ezweni. "Uma nithanda izwe, izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho kini." Ngakho-ke ulalele nje umsindo wamanga ndawo ndawo, udeveli ukukhukhumalisile wonke. Kodwa uma uzohlola impilo yakho ngeZwi likaNkulunkulu futhi ikhombisa ukuthi uphila phansi ngqo kulawomakhasi eBhayibheli, khona-ke unokuphepha kwaPhakade.

149 Futhi akukho ofanele ukwesabe. Lokho uNkulunkulu akwethembisile, uNkulunkulu uzokwenza. Ngiphonsela inselele noma ngubani ukuthi athathe lokho. Ake nje uthathe lokho futhi uhambe naleloZwi, futhi ubuke ukuthi kwenzakalani kuwe. Mfowethu, Lizofezekisa yonke into, uNkulunkulu washo njalo. Konke lokho uNkulunkulu akwethembisa, kuzokwenzeka.

150 Ngi. . .Njengoba nje sengiqedile ukunitshela ukuthi umsebenzi wami wawusuqala, nakhu kube cishe yiminyaka eyishumi nanhlanu impela ngizungeza ngizungeza umhlaba,

futhi akukaze nakanye Kwehluleke. Ngani na? Ngoba, esisekelweni, ngama esethembisweni sikaNkulunkulu. Ngazi ukuthi Kwakuyiqiniso. Ningangivumeli ukuthi ngizame ukunitshela ukuthi ngokunye kokuhlakanipha kwami okukhulu, kodwa Lowo Owembule izimfihlo zenhliziyo nguYe kanye ongitshengisile emBhalweni. Ngoba angizange ngisho... ngesikhathi ngiqala nje ukushumayela, cishe eminyakeni engamashumi amathathu eyedlule, kwakumele ngibe nentombi yami ihlale lapho ifunde iBhayibheli. Angikwazanga ngisho nokuLifunda, ngaphandle kwemfundo engako. Udadewethu Wilson, ufanele ukukhumbule lokho ngesikhathi uHope wayevame ukungifundela iBhayibheli emuva laphaya, ahlale phansi futhi aLifunde, futhi ngiyothi, "Lalelani lokho eLikushilo, yenzani lokho nje eLikushoyo. Yilokho kuphela engikwazi ukunitshela khona." Futhi bonke labo abakwenzile, ngani, baba kahle. Kwaba yilokho nje. Ngangi—ngangi . . .

151 Wayengathi, "UNkulunkulu walithanda izwe kangaka waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa."

Ngingathi, "Bangaki abaLikholwayo na?" "Funda okulandelayo, s'thandwa."

"Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, yilowo nalowo okholwa yiYo unokuPhila okuPhakade."

Ngathi, "Bangaki abaLikholwayo na? Niyezwa ukuthi Lithini." Bengingakwazi Ukulifunda ngokwami.

152 Ngakho-ke, niyabo, bengingenayo indlela yokufunda kunoma yisiphi isikole. Kodwa, o, ngiyasithanda leso sikole engaya kuso! O, emuva ngaleya emgedeni omncane ndawondawo, izandla zami ziphakeme kuNkulunkulu imihla namalangakanjalo, ngesikhathi Moya oNgcwele ehla ngobumnandi baKhe wase eqala ukuzembula Yena uqobo, futhi ethi, "*Lokhu* ku*njena,* na*kanjena* ku*njena*." Futhi akukaze nakanye noma yimuphi umuntu, isidalwa sanoma yiluphi uhlobo, akwazi ukubeka izandla zakhe kunoma yini yaLo. Mayelana nakho konke ukushisekela ngokweqile nakho konke okunye okukhukhule izwe, uNkulunkulu uLibeke phezulu futhi lihlanzekile, futhi waLizungezisa walizungezisa umhlaba. Haleluya! Sisesikhathini sokuphela, bafowethu. Silapha esikhathini sokuphela. Yilokho kuphela. "Kuyoba nokuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." Yilokho kanye Akusho.

153 Manje, yiNcwadi yeSambulo, uNkulunkulu ezembula Yena uqobo. Futhi manje ngalezi zimfihlakalo ezinkulu, Wembula iGama leNkosi uJesu Kristu ngombhaphathizo, Wembula ukuthi ayikho into efana nesiHogo saPhakade (akunakuba njalo, awukho umBhalo eBhayibhelini othi kukhona into enjalo).

154 Manje, sikhona isihogo, futhi likhona ichibi lomlilo, futhi lapho ababi bejeziswa khona, kodwa ekugcineni baqedwe nya. Mhlawumbe iminyaka eyizigidi ezingamakhulu ayishumi,

kodwa ekugcineni bayaqedwa nya. 'Ngoba ungeke ube nokuPhila okuPhakade ngaphandle uma usindisiwe. Futhi uma usha Phakade, ufanele ube nokuPhila okuPhakade. Ngani, ukuqonda okujwayelekile bekungakukhombisa lokho. Niyabo? Ungaba kanjani nokuPhaka- . . . ? Bangaki owaziyo ukuthi lapho uthola ukuPhila okuPhakade usindisiwe na? Awu, uma usha ingunaPhakade, awudingi yini ukuba nokuPhila okuPhakade ukukuqonda na? Ngakho-ke, niyabo, akuwenzi nje umqondo. Niyabo?

155 Manje, "ukuphepha." Labo Ayebazi ngaphambili, Wababiza; labo Ababizayo, Ubalungisisile; labo Abalungisisile, Usevele ubakhazimulisile. UPawulu wasitshela, esahlukweni 1 sabase-Efesu, ukuthi "uNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wasimisela ngaphambili ekwamukelweni kwamadodana ngoKristu Jesu."

156 UJohane uyasitshela lapha eSambulweni, ukuthi "Isitha ngezinsuku zokugcina, leso sitha senkolo, besiyongena phakathi kwabantu futhi babe nezinhlangano nokunye nokunye, nezinkolelo-ze nokunye nokunye," njengoba benazo namhlanje, "futhi bekuyodukisa nabaKhethiweyo impela uma kwakunokwenzeka, futhi kuyodukisa *bonke* abamagama abo engalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu selokhu kwasekelwa izwe."

157 Igama lakho lafakwa nini eNcwadini yokuPhila yeWundlu na? Ngaphambi kokusekelwa kwezwe. UKristu wahlatshwa nini, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule na? Qhabo, mnumzane. Ngaphambi kokusekelwa kwezwe. "IWundlu elihlatshwe ngaphambi kokusekelwa kwezwe."

158 Uyabona ukuthi yenzani na? Yilezi zimpawu zivulwa, ziqala nje ukwembula icebo lokuhlengwa, ukuthi Wakwenza kanjani. Konke sekuphelile manje, kuthi nje—kuthi nje akuphele. Ngakho-ke sisesikhathini sokuphela. Ngakho-ke yingakho i— izinto zembulwa. Kulungile.

159 Manje, isiHlobo sethu somndeni sinikezwa iNcwadi yokuhlengwa enezimpawu eziyisikhombisa ivela kuMnikazi wasekuqaleni. UMnikazi wasekuqaleni . . . Ngenkathi silahlekelwe yiyo ensimini yase-Edene, ngo-Adamu, yabuyela kuMnikazi wasekuqaleni. Kodwa kube khona umuntu ozingela ngokungemthetho ezweni, umkhoseli, futhi lowo nguSathane; uyafika, ungumuntu ozingela ngokungemthetho. Lo mhlaba akuwona owakhe; ungokaNkulunkulu. Kodwa ungumuntu ozingela ngokungemthetho, umkhoseli. Ndoda, ngingasho kanjani into khona manje, kepha kungcono ngingasho. Yitayitela lokuhlengwa kwethu, le Ncwadi enezimpawu eziyisikhombisa. Yitayitela. Lindani size singene kulezo ziMpawu!

160 Wephula izimpawu, uyembula, usinika ifa laKhe kubantu baKhe. Unikeza ifa Alidle ifa, eba nguMhlengi oyisiHlobo somndeni, futhi usinika ngesihle. Konke kwakungokwakhe. NguYe Owahlenga. Kepha esikhundleni sokuyigcina kuYe uqobo, Uyibuyisela kubantu. Lolo uthando lwaKhe ngathi. O!

161 USathane, umnikazi wawo manje, umkhoseli, yena ekugcineni u...Akafuni ukuwuyeka masinyane, siyathola phandle lapha emuva kwesikhashana emiBhalweni, ngicabanga ngale kwesinye isahluko. Futhi wayengafuni ukuwushiya ngokushesha, kodwa kwakudingeka awulwele. Kepha, ekugcineni, ngenkathi elethwa kwelamanqamu, waphonswa echibini lomlilo. Kunjalo.

162 UJesu, iGama elithi Jesu emaVangelini lineziqu ezine ze "Ndodana." Ngabe ubukwazi lokho na? UJesu uneziqu ezine njenge*Ndodana* eVangelini. Esinye sazo "yiNdodana kaDavide"; esinye sazo "yiNdodana ka-Abrahama"; esinye, "iNdodana yomuntu"; esinye, "iNdodana kaNkulunkulu."

163 Manje, bhekisisa. Lapho uMhlengi wethu oyisiHlobo sethu somndeni eba nguJesu Kristu, Uba yiNdodana kaDavide, eyiNdlalifa yesihlalo sobukhosi. Inkazimulo! Wabayindlalifa esihlalweni sobukhosi ngokuba yiNdodana kaDavide. UNkulunkulu wakhuluma emuva lapho ukuthi Wayengeke amshiye uDavide, "akasoze amshiya uDavide engenayo inzalo." Futhi uKristu uyiNdodana kaDavide. Futhi Uba uMhlengi oyisiHlobo sethu somndeni, futhi ulindile, elungiselela indawo lapho Angabusa khona nathi. NjengeNdodana kaDavide UyiNdlalifa yesihlalo sobukhosi.

164 NjengeNdodana ka-Abrahama, Uyindlalifa yesibonelelo sobukhosi. Amen. Lokho kunjalo na? Uyindlalifa yesibonelelo sasebukhosini (Amen!), iPalestine nakho konke okukulo, "Inzalo ka-Abrahama." WayeyiNdodana ka-Abrahama.

165 NjengeNdodana yomuntu, yini iNdodana yomuntu... Yini eyalahlekela umuntu na? Walahlekelwa ngumhlaba. Ngakho-ke njengeNdodana yomuntu Uyindlalifa yakho konke okusemhlabeni. Konke lokhu Anakho futhi kumele Akubuyisele kithi, bese Ebuyela emuva njengoba Wayenjalo. Yena u...

166 Manje-ke, njengeNdodana kaNkulunkulu Udla ifa zonke izinto. NjengeNdodana kaDavide Uyindlalifa yesihlalo sobukhosi, njengeNdodana ka-Abrahama Uyindlalifa yesibonelelo sasebukhosini, njengeNdodana yomuntu Uyindlalifa yomhlaba, njengeNdodana kaNkulunkulu Uyindlalifa yazo zonke izinto eziseZulwini nasemhlabeni. O, he! Lowo nguMhlengi wethu, uMhlengi wethu oyisiHlobo somndeni.

167 Manje, qaphelani! O, lokhu kungenza ngibe muhle kakhulu. Lokhu yilapho e—engithola khona ukondliwa ngempela.

Manje, ake izinhliziyo zenu azikhululeke ziye kuNkulunkulu okwemizuzu embalwa nje. Lalelani lokhu.

168 USathane uyisikhoseli, akayena umnikazi waleli ngokusemthethweni, futhi ube neminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokuqophisana ukuthi ngabe ungumnikazi walo noma omunye umuntu ungumnikazi walo. Kepha uKristu weza njengoMhlengi oyisiHlobo somndeni futhi wasihlenga walibuyisela kithi. Kodwa uSathane unalo. Kodwa, niyazi, emva kwesikhashana (lempi enkulu isiphelile) uzophonselwa echibini lomlilo. Niyabo? Uzoshabalala, nabo bonke abakhonza kanye naye. Kepha izindlalifa zensindiso zizokuza kanye noKristu. Manje, uyisikhoseli.

169 Manje, khumbulani, eTestamenteni eliDala, uma u—umuntu elahlekelwa yifa lakhe futhi isikhoseli siza emhlabeni wakhe, wangabe esakwazi ukulibamba ngokuqothulwa kumnikazi kwaze kwaba yiminyaka engamashumi amahlanu. Ngemuva kweminyaka engamashumi amahlanu, unyaka—unyaka weJubili wafika. Futhi unyaka weJubili, lapho kufika unyaka weJubili, khona-ke yonke into yayibuyela ekuqaleni kwayo kwasekuqaleni futhi. Zonke izigqila, zazibuyela ekuqaleni kwesiqalo. Uma indoda yayilima ensimini bese kukhala icilongo futhi ilizwile, yayiphonsa phansi igeja bese ithi, "Angisesona isigqila, ngibuyela ekhaya emndenini wami." Konke kwakubuyiselwa emuva. Uma okhoselisiwe wayesemhlabathini, kwakudingeka asuke emhlabathini. Yilokho kuphela. Uyasukuma emhlabathini ngoba yini na? Umnikazi osemthethweni wayesebuya. Kwakufanele adede endleleni.

170 Haleluya! Ngolunye lwalezizinsuku imibuso yalelizwe izowa, futhi abanikazi basemthethweni bazofika ngolunye lwalezi zinsuku. Amen.

171 Manje, kwakukhona isikhathi lapho lalibangwa. Kusukela ngosuku lwamashumi amane, kusukela ekuqaleni kosuku lokuqala lokuhlanzwa kwendawo engcwele, noma uKristu waya eKalvari, kwakukhona izinsuku ezingamashumi amane kukho ukwenyuka. Kwakunenkulumompikiswano, ukuthi ngabe iqembu likaSathane liyolithatha bese lithi Akazange avuke kwabafileyo. Baqala ukuqala isimemezelo ngalapho futhi bethi, bathi, "Ngabafundi abafike baMmeba ebusuku." Nilifundile iBhayibheli, "Futhi washo ukuthi 'Abantu baKhe—baKhe beza futhi baMmeba ebusuku.' Futhi bakhokhela amasosha imali ukusho lokho." Kepha kwakubuzwa ngakho khona-ke, wonke umuntu wayezibuza.

172 "Awu, empeleni, mhlawumbe lingelenhlangano, khona-ke, yonke into ingeyayo."

173 Kepha ngosuku lwamashumi amahlanu kwakuwuSuku lwePhentekoste, noMnikazi osemthethweni wehla phakathi

kwabo (Haleluya!) futhi wakhombisa ukuthi kwakungeyona inhlangano. Ukuthi kwakungukugcwaliswa kukaMoya oNgcwele. Lokho kwakuyimali eyisibambiso kaNkulunkulu eBandleni laKhe ukuthi yayingeke ilawulwe yizinhlangano nokunye, kuyoba yisibambiso sombhabhathizo kaMoya oNgcwele ngamandla nothando lukaNkulunkulu. Amen! O, lokho akwenzi nje okuthile kuwe na? UMnikazi osemthethweni! Kwakukuphi na? Ezandleni zikaNkulunkulu. Futhi ku . . .

174 Niyabo, akakwazanga ukulibamba ngaphezu kwezinsuku ezingamashumi amahlanu. Funda lokho ngaleya ku—kuLevitikusi—kuLevitikusi, e—emithethweni lapho. Yathi abakwazanga . . . umnikazi osemthethweni. Kwakufanele libuyele ezandleni zomnikazi wasekuqaleni ngemuva kweminyaka engamashumi amahlanu. Sonke siyakwazi lokho. Ukufundile lokho kaningi, kepha . . . uyabo, "Kwakufanele libuyele kumnikazi wasekuqaleni ngemuva kweminyaka engamashumi amahlanu."

175 Awu, khona-ke, emva kwalezi zinsuku ezingamashumi amahlanu, unyaka owodwa . . . usuku olulodwa lusho njengonyaka. Futhi kusukela ngosuku ukuthi ukubethelwa lapho sebethathe i . . . lo Mhlengi oyisiHlobo somndeni futhi baMbulala ngo—ngosuku lwePhasika, kwakuyimpikiswano ngaleso sikhathi. Ibandla lalikholwa kuze kube yileso sikhathi ukuthi WayenguMhlengi oyisiHlobo somndeni, "WayenguMhlengi." Khona-ke sabe sesenzani na? SaMbulala, isitha sakwenza, futhi bathi bathatha umzimba waKhe base bewufihla kude ndawo ndawo. Futhi lokho konke kwakusekungabazeni kwabantu, "Kwenzekani kuYe na? Kwenzekeni na?"

176 Manje, ekupheleni kosuku lwamashumi amahlanu, khona-ke, uyabo, kwakungeke kusaba nempikiswano. Bese-ke, uNkulunkulu . . . Esikhundleni sokuthi bahambe—baqhubeke nebandla lomthetho, eligongobele, elibandayo; UNkulunkulu wathumela uMoya oNgcwele emuva, waxosha bonke abakhoseli, wase-ke elidla. Amandla kaMoya oNgcwele ehla neBandla lemukela isibambiso sensindiso yalo.

177 Manje, bazalwane, hhayi ukulimaza imizwa yenu noma nanoma yini ngakho, uma inhlangano ilungile futhi wena ungumKatolika nje ngenhlangano, uyiBaptisti ngenhlangano, ulahlekile. Uyabo, isibambiso sensindiso yethu kwakungekhona ukujoyina isonto, isibambiso sensindiso yethu sasingesona ukuba ngowenhlangano ethile. Isibambiso sensindiso yethu umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ngaphandle kwanoma iyiphi inhlangano! Amen.

178 Abakwazanga ukubambelela kuyo mayelana nalokho, sekulwedlulile lolosuku lwamashumi amahlanu, ngoba lolo kwakuwusuku lweJubili lapho yonke into yabuyela ekuqaleni

kwayo kwasekuqaleni. Futhi a—amandla kaNkulunkulu abuyiselwa emuva ekuqaleni kwawo, usuku lwamashumi amahlanu, unyaka weJubili lapho zonke izinto zabuyela emuva.

179 Manje, kuzofika omunye unyaka weJubili futhi, lokho, besinakho cishe ngalesi sikhathi. Uma uqaphelile, iPentekoste belilokhu liwa eMelika cishe iminyaka engamashumi amahlanu, ndawanathize ngalesosikhathi. Cishe eminyakeni engamashumi amahlanu edlule nje iPentekoste liqala ukuwa. Manje kwenzakalani, ibandla lemukela iNcwadi enezimpawu eziyisikhombisa yesambulo sikaJesu Kristu (yeziMpawu eziyisiKhombisa) futhi akukho noyedwa eshumini wabo ongaSemukela.

180 Kepha uma uqala ukubona unyaka weJubili lapho esingadingeki khona ukuthi siqophisane futhi sikhandleke futhi sidonse kanje, kodwa sesivele sivikelekile kuKristu! Sesivele sineGama leNkosi uJesu Kristu embhaphathizweni. Sinazo zonke lezi zimfihlakalo ezinkulu esizoziveza kulezi ziMpawu eziyisiKhombisa, futhi ngikufakazele kini ukuthi lezo kwakuyizimpawu ezazivalwe ngci emehlweni abantu. Ngokuthi uNkulunkulu ungumsizi wami, ngizokufakazisa ukuthi babengakuboni Lokho ngeBhayibheli (Bese-ke, impela, uma iBhayibheli lasho njalo uzolikholwa.), ukuthi babengaboni lutho ngaphandle kuka "Baba, iNdodana, noMoya oNgcwele" kuze kube yilesi sikhathi. Abakwazanga ukubona ukuthi sasingekho isihogo saPhakade, kuze kube yilesi sikhathi. Babengaboni ukuthi kwakukhona ukuphepha okuPhakade onga-. . .ngiqonde kwekholwa langempela. Kusobala, kube nokuhlekwa usulu kuyo yonke indawo kujikeleze, umsindo ongaqondakaliyo abawunikezayo. Yingalesosizathu abantu. . . Bathi, "Ngani, bheka lawo maPresbyterian nokunye nokunye, bayabhema, baphuze, nakho konke okunye, futhi bathi banokuphepha kwaPhakade." Ya, kodwa, niyabo, lokho nguku—lokho ngukulahla iCilongo langempela.

181 Ake sithole emuva Lapha futhi sithole ukuthi ngabe iCilongo liyakhala, uma ungabuyeli emuva kuGenesise kuya eSambulweni, emuva naphambili, lapho loluphawu seluvuliwe; niyabo, lezizinto zembulwa.

182 Manje, o, mfowethu! Bengicabanga ukuthi bengi nje. . . ngizofanele ngimshiye ahambe kuze kube yisikhathi esizayo ngingena lapha. Nginamakhasi cishe ayisithupha lapha okwamanje; noma—noma, kulungile, qhabo, sinenkonzo yombhaphathizo ezayo. Ake ngifunde lokhu, lezi zinto ezincane ezithi azibe zimbili lapha, unyaka weJubili. Kulungile.

183 Manje, nina—nina nonke niyayibhala imiBhalo na? KuJeremiya 32, futhi siqale evesini 6 uma u. . .nalapho ufika ekhaya, ufuna ukukufunda. Manje, uJeremiya, ukukuvumela ubone ukuthi lo mbhalo ogoqwayo uyini, ngizokhipha

lokhu. Masithathe umbhalo ogoqwayo, noma kanjani. Lokho kuzonginikeza cishe eminye imizuzu eyishumi, yombhalo ogoqwayo. Manje, niyakhumbula, le Ncwadi yayinanyatheliswe ngophawu. Manje, incwadi ngezikhathi zeBhayibheli yayingeyona incwadi enamakhona amane njenga*le*. Kwakuyincwadi enjenga*le*, eyayibizwa ngencwadi, “umbhalo ogoqwayo.” Bangaki okwaziyo lokho na? E-hhe. Impela, kwakungumbhalo ogoqwayo. Kulungile.

184 Manje, le—leNcwadi yayinanyatheliswe ngophawu ngezimpawu eziyisikhombisa. Manje, KwakuyiBhayibheli futhi Lalinanyatheliswe ngezimpawu eziyisikhombisa. Futhi manje bhekisisani ukuthi lokhu kwenziwa kanjani.

185 UJeremiya, ngenkathi e—ngenkathi wayezoba . . . wayeprofethile ukuthi uyohlwithwa. KuJeremiya manje, isahluko 32. Wayezohlwithelwa ngaleya aye ekuthunjweni ezansi eBabiloni, babezoba lapho iminyaka engamashumi ayisikhombisa. Wayekuprofethile. Nani bafundi beBhayibheli senidlule kukho izikhathi eziningi. Futhi wayezothathwa ezansi lapho iminyaka engamashumi ayisikhombisa. Futhi yena—yena empeleni wayeyisihlobo somndeni esiseduze kakhulu kumzala wakhe owayesefile. Umzala wakhe (H-a-n-a-m, o-e ababili, l) UHanameli, uHanameli, uHanameli, waye . . . isihlobo sakhe esilandelayo. Ukuze azi akwazi ukuthi—ukuthi isitha siyobamba—bambe a—amaphepha nokunye nokunye kwendawo yakhe, kodwa lapho . . . Wayazi ukuthi uNkulunkulu akasoze abashiya abantu baKhe, ngakho-ke lapho bebuya, ukuze abe nakho futhi abe ngumnikazi ofanele wefa, nakhu akwenzile: walibhala phansi lonke.

186 Bangaki abake bayifunda na? Kulungile, uyifundile, usuyifundile khona-ke. Kulungile. Manje, wayithatha wayinamathelisa ngophawu ncamashi nje ngendlela le mibhalo egoqwayo eyayinanyatheliswe ngophawu ngayo lapha. Kuyinto enhle kakhulu, into evelele owake wayibona.

187 Manje, ngizozama ukukufanekisa ngalesi siqephu sephepha, angazi noma ngiyakwazi noma qhabo. Manje, nansi indlela eyabhalwa ngayo, ka*nje*. Manje, ukwenzile futhi wakunamathelisa ngophawu ka*nje*, ngamunye phansi. Manje, kwenzakaleni, kulolo nalolo lwalezi zimpawu okwabhalwa lapha ifa lakhe nalokho okwenzekayo, nabo bonke abawela phambi kwakhe nokuthi walidla kanjani kube yifa. Konke kwakunanyatheliswe ngophawu kanjalo.

188 Manje, yileyondlela uNkulunkulu ayithole ngayo iNcwadi yaKhe enanyatheliswe ngezimpawu eziyisikhombisa. Manje, njengoba Edabula lokhu nje, lesosambulo sibuya sithi ngqu ngalapha futhi sigijime yonke indlela siya kwingemuva leNcwadi. Yingakho ungathatha iGama likaJesu Kristu bese uLigijimisa kusuka kuGenesisi kuya eSambulweni bese

ukhombisa ukuthi ayikho into enjengo “Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele.” Niyabo? Niyabo, lizungeza lonke iBhayibheli, Liyakwembula.

189 Bese-ke uthatha okufana nokuthi, “Kukhona isihogo saPhakade.” Uyakususa lokho bese ukuqhuba uzungeze yonke indawo; asikaze sibe khona isihogo saPhakade Ngoba ekuqaleni uNkulunkulu wathi isihogo *sadalelwa* udeveli nezingelosi zakhe, ukwenzela ukujeziswa kwabo esikhathini esizayo. Manje uma isihogo siPhakade, besingadalwa kanjani na? Igama ukudalwa alizange lenze . . . Igama *Phakade*, “alikaze liqale futhi alisoze laphela.” Bese kuthi-ke kwakuhlale kunesihogo uma kuyisihogo sa*Phakade*, “kwakukhona isihogo ngaso sonke isikhathi esifanayo, ngesikhathi esifanayo lapho kwakukhona uNkulunkulu kwakukhona isihogo, ngaphambi kokuba kube khona noma yisiphi isono kwakusekhona isihogo.” Hhe! O, he! Uyabo, awukwazi ukukwenza.

190 Ngakho-ke bhekisisa njengoba lezi zinto zisombuluka ngesingazo, ibuyela emuva futhi ivule iNcwadi. Ngakho-ke manje lokhu empeleni kunikeza isithombe seBhayibheli lonke, nezimpawu ezineBhayibheli zifihliwe emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda. UNkulunkulu, ngoMoya oNgcwele, uzivula kanje futhi uzembula khona ngapha eBhayibhelini lonke. Udumo kuNkulunkulu!

191 Mfowethu, ngiyakutshela, lokho nje kuthola izivivinyo zami—zami zomoya zikamoya zishukunyisiwe. Niyabo? Niyabo? Manje, buka lapha! Uyabo, kunguku—kunguku se- . . . njengokuthi . . . Uyakuqonda engikushoyo na? Niyabo, nantu, uphawu. Manje, uma ubhekisisa futhi ufunda lapha, iya kuJeremiya bese ubona ukuthi u—u—u—wakunamathelisa kanjani ngophawu.

192 Manje, nansiya iNcwadi, ibhalwe phakathi lapho. Manje, ngesikhathi nje sesambulo sokuqala, bese kuthi-ke Uvula loluphawu. Manje, bhekani futhi nibone ukuthi lolophawu lokuqala lwaluyini lapho sifika eziMpawini. Bese-ke kuba yisikhathi sophawu lwesibili, Udonsa uphawu olulandelayo. Futhi niyazi yini ukuthi sikuphi na? Sesicishe sibe sophawini lwesikhombisa njengamanje. Futhi lapho olwesikhombisa . . .

193 Ngesikhathi kuvulwa uphawu lokuqala, kwakhala icilongo lokuqala kwase kuwa inhlupho yokuqala. Ngesikhathi kuvulwa uphawu lwesithupha, elesithupha lakhala nenhlupho yesithupha yawa. Ake nikubhekisise nje, kuyinto enhle kakhulu enake nayibona. Futhi lapho ngikwenza, ngizozitholela elikhulu, ibhodi elikhulu kakhulu elimnyama, ngilikhuphulele lapha futhi ngikufundise nje kunqamule khona lapha, ngakho-ke sithatha nje isikhathi esiningi kakhulu ophawini ngalunye futhi sibuyele emuva futhi sithathe umlando nezinto, futhi sifakazise ngenkathi nje kwenzeka, futhi sikukhombise khona lapha

eBhayibhelini ngesikhathi Lithe bekuyokwenzeka, futhi khona ngqo lapho kwenzeka, usuku nje nayo yonke eny'into. Nginakho, amen, ngikuthole kuYe. Kulungile. Nazo-ke izimpawu.

194 Manje, ngesikhathi uJeremiya ebhala le ncwadi, yanamatheliswa ngophawu. . .Nansi into enhle engifuna niyinake, nonke nina eniyifundayo, ukuthi lezo zincwadi ezinanyathelisiwe ngophawu. . .Manje, khumbulani, wayezobe esengasekho. Wayeprofethile. Manje, wayengakwazi, kuphela ngesiprofetho. Ngabe niyangilandela na? Ngesiprofetho wayazi, ngesambulo sikaNkulunkulu, ukuthi babezobe bengekho kulelo-zwe iminyaka engamashumi ayisikhombisa. Niyamkhumbula eprofetha lokho na? Ubezoba neminyaka engamashumi ayisikhombisa, bebeyoba sekuthunjweni. Khona-ke wayefuna ukuqiniseka ukuthi loluphawu (ukuthi ifa lakhe) beliyogcinwa, ngoba wayene. . .wadla ifa lomzala wakhe. Ngakho-ke waba nakho konke kubhaliwe, ngokusemthethweni. Futhi wenzani ngalo na? Ukuze lingaboli noma lingagqwali, walifaka esitsheni sasemhlabeni; futhi walibeka kude ukuze lengezukubola noma ligqwale, ize leyo minyaka engamashumi ayisikhombisa yayisidlulelwe yisikhathi.

195 Udumo kuNkulunkulu! Ngiyethemba ukuthi niyakubamba! Niyabona ukuthi uNkulunkulu wenzani na? Akazange aKwembulele abaphakeme nabanokuqonda (ukuze baqophisane ngaKho sonke lesisikhathi), kodwa WaLibeka eSitsheni sasemhlabeni futhi Wazidalela Yena uqobo iNdodana yaKhe uQobo, uKristu Jesu. Futhi kulolusuku lokugcina manje Uvula izimpawu futhi ukukhombisa eBandleni laKhe. Wakugcina eSitsheni sasemhlabeni ukuze Lingaboli noma ligqwale! Haleluya! O! Ngiyazi ukuthi nicabanga ukuthi ngingumgingqiki ongcwele. Mhlawumbe nginguye. Niyabo? Kodwa naLo-ke! Ligcinwe lisongwe eSitsheni sasemhlabeni esahlengwa sivela emhlabeni, savuka ekuseni kwePhasika lapho izimpawu zokufa zazingeke zisakwazi ukuMbamba; kodwa Wephula izimpawu wase eyavuka, futhi uzifakazela Yena kulezinsuku zokugcina ukuthi Uyaphila! UseBandleni laKhe! Unguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi lokho bekufihliwe kumakolishi, bekufihliwe ezinhlanganweni.

196 Futhi kulezinsuku zokugcina UyaKwembula ngoBukhona baKhe uQobo phakathi kwabantu baKhe. Uthola umuntu othile Angakwazi ukukhipha izwe kubo nezinto ziphume kubo (ubusonto buphume kubo), ukuze Akwazi ukukhuluma ngabo futhi embule futhi avule lezi zimpawu kanjena Yena ngokwakhe. Niyabo? Haleluya! O, aniMthandi na? He, he, he!

197 Icebo lethu lensindiso, lona lelo manje lembulwa kuJesu Kristu. Wembula kanjani kulezi zinsuku zokugcina na? Ngokuvula kwaKhe uphawu. Ngani, akukho muntu. . . Awuzange ukuzwe kubhalwe phansi empilweni yakho ngeNzalo ka-Abrahama, ukuthi badlula kanjani ekulungisisweni,

ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele; ukuthi leyo ngelosi iyofika kanjani ezinsukwini zokugcina, ibe nomhlane wayo ufulathele ibandla futhi isho khona kanye nje lokho uSara ayekucabanga enhliziyweni yakhe ngaphakathi (lokho akukaze kubekhona kuze kube ngalolusuku, kunjalo, lolu ngusuku); nokukholwa kuka-Abrahama; neGama leNkosi uJesu.

198 Manje, into eyodwa lapha, nginezinto ezinhlanu engingathanda ukukhuluma ngazo lapha, umzuzwana nje, ngokushesha nje ngangengingakwenza. Bukani. Eziyisikhombisa . . . Kunezimpawu eziyisikhombisa, futhi kukhona izikhombisa ezinhlanu ecebweni likaNkulunkulu lokuhlenga. I*sihlanu* yinombolo yo "musa." Bangaki abakwaziyo lokho na? U-J-e-s-u, u k-h-o-l-o, isihlanu yinombolo yomusa. I*Sithupha* usuku lomuntu, ne*sikhombisa* usuku lwakhe—lwakhe lokuhlengwa.

199 Manje, bhekisisani. Manje, kunezimpawu eziyisikhombisa kulokhu, noma—noma izigaba eziyisikhombisa kulelicebo elikhulu lokuhlenga. Kunokuyisikhombisa okuyini na? Izimpawu eziyisikhombisa zokuhlengwa, oMoya abayisikhombisa bakaNkulunkulu . . . Siyakuthola lokho (uma ufuna ukubona ukuthi kuyasho yini ukuthi o "Moya abayisiKhombisa," ake ngibone lapha umzuzu nje), isahluko 5, kuqala evesini 6 (ngiyakholwa, siyabona lapha), ivesi 6:

> *Futhi . . .* bhekani, *futhi, bheka, ngaphakathi kwesihlalo sobukhosi nezidalwa ezine, nangaphakathi kwamalunga, kume iWundlu kungathi lihlatshiwe, li*namakhanda *ayisikhombisa namehlo ayisikhombisa, angoMoya abayisikhombisa bakaNkulunkulu abathunyelwe emhlabeni wonke.*

200 Iyini leyo miMoya eyisikhombisa na? Lezo zithunywa eziyisikhombisa. Kukhona uColumba oNgcwele, no-Irenaeus, no—noJohn Wesley, noMartin Luther, nezinye nezinye. Niyabo, "oMoya abayisikhombisa," okungamadoda ayisikhombisa (izingelosi eziyisikhombisa), okuyimilayezo eyisikhombisa.

201 Izimpawu eziyisikhombisa, oMoya abayisikhombisa, izingelosi eziyisikhombisa, izimpondo eziyisikhombisa, namabandla ayisikhombisa. Niyabo, isikhombisa eziyisikhombisa, kunezikhombisa ezinhlanu, okungukuthi, *isikhombisa* nguku "phelela," *isihlanu* ngu "musa," umusa kaNkulunkulu emiNyakeni yaKhe yamaBandla ayisiKhombisa. Amadoda aKhe ayizithunywa eziyisikhombisa, oMoya baKhe abayisikhombisa bakaNkulunkulu, izimpawu eziyisikhombisa ezihleliwe zokuhlengwa (sikuzo khona manje), i*zimpondo* eziyisikhombisa zisho eyisikhombisa "iminyaka."

202 Ngoba, u*phondo* lusho "umbuso." Niyawukhumbula umqhele owafika phezu kwesidalwa (uphondo) kuDaniyeli, nokunye nokunye na? Niyabo, kusho umbuso, noma "iminyaka

eyisikhombisa." Futhi, khumbulani, uJesu wathi, "Abanye balala emlindweni wokuqala, unyaka owodwa; enye emlindweni olandelayo, unyaka olandelayo; olandelayo; nolandelayo; kwehle kuyothi ngqu emlindweni wesikhombisa. Futhi emlindweni wesikhombisa kufika uMyeni, bese-ke bonke bavuswa." Niyakukhumbula lokho na?

203 Ngakho-ke yi "minyaka" eyisikhombisa kwakuyizi*mpondo* eziyisikhombisa, na*mabandla* ayisikhombisa, noma e "zisikhombisa iti-. . . izimiselo zesikhathi zomzimba wamakholwa." O, Kuphelele nje kangangoba kungaba njalo. UJeremiya . . . He, "iNcwadi," "iminyaka," ukuthi kwahlengwa kanjani! Kanjani . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . khona lapha.

204 Eziyisikhombisa nezokugcina zalezi zimpawu, lapho zivulwa, kutholakala eSambulweni isahluko 10, kwakuneNgelosi enamandla (okwakunguKristu) yehla yase ibeka unyawo olulodwa phezu komhlaba nolunye phezu kolwandle, futhi yaphakamisa isandla saYo futhi ithi, "Usuku seluphelile. Isikhathi sesiphelile. Konke sekuphelile. Akusayikubakho sikhathi."

205 Futhi Yathi, "Ekubethweni kwe . . . kulesisikhathi, imfihlakalo kaNkulunkulu iyakube ifeziwe." UNkulunkulu ungubani nokuthi Wenziwa kanjani wabonakaliswa; kanjani ngenkathi lolophawu lwaluvulwa, ukuthi siqala kanjani ukuqonda manje ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu, WayenguNkulunkulu uQobo lwaKhe enziwe inyama; nesambulo sokuthi Ungubani Yena; lokho kufanele kuqedwe ngaphambi kokuthi leNgelosi ibeke unyawo lwaYo phezu komhlaba nolwandle futhi ifunge ukuthi "akusayikubakho sikhathi" lapho lesi sikhathi sifika. Sikhona lapho nje kulelogceke langaphambili khona manje. Niyabo?

206 Eyokugcina yazo iSambulo 10, "Unyawo phezu komhlaba naphezu kolwandle," isikhathi asisekho, ukuhlengwa sekuphelile, futhi manje Uza njengeNgonyama. WayeyiWundlu ngalesosikhathi, manje Uza njengeNgonyama yesizwe sakwaJuda.

207 Manje, ake ngifunde konke lokhu ngokushesha ukuze ngikwazi ukukuletha kini ngokushesha khona manje nje, nevesi 8:

> *Kuthe seliyithabathile incwadi, izidalwa ezine na*mamashumi amabili-. . . *namalunga angamashumi amabili nane awa phansi phambi kweWundlu, kuyilelo nalelo linamahabhu, nezitsha zegolide zigcwele impepho,* . . . ne*mikhuleko yabangcwele.*

208 Manje, lesi yisikhathi lapho khona yonk'into ifanele ibe sekudumiseni. Manje, khumbulani, ukuthi kufaneleke kanjani. Manje, ningavumeli siphuthelwe yilokhu manje. Lalelisisani.

Lapho zonke izimfihlakalo zonyaka webandla seziqediwe, lapho zonke izimfihlakalo zamacebo okuhlenga, lezo zimpawu eziyisikhombisa zavulwa e. . .khona ngokushesha nje emva kwalokhu manje, bukani, sekuyisikhathi sokuba—sokuba konke, konke okuseZulwini nakho konke okusemhlabeni kukhonze uNkulunkulu. Manje, bhekisisani ukuthi kwenzekani. Lalelani ku. . .ku, lalelani nje lokhu umzuzu:

*Futhi ahlabelela igama elisha, athi, Ufanele wena. . .*

209 Lalelani ukuthi kwakuyindumiso enjani lena pho! Amalunga, izidalwa, yonk'into yawela ngqo phambi kwaKhe, niyabo, kanjalo, ngesikhathi Enza icebo laKhe eliphelele. Isikhathi sokudumisa manje, niyabo:

> *Futhi a*hlabelela *igama elisha, athi, Ufanele wena ukuyithabatha incwadi, nokuvula izimpawu zayo: ngokuba wahlatshwa, futhi* sewu*sihlengile kuNkulunkulu ngegazi lakho abavela kuyoyonke imindeni,. . .izilimi, nabantu, nezizwe;*
>
> *Futhi* Wena u*senze saba ngamakhosi nabapristi kuNkulunkulu wethu: futhi siyobusa emhlabeni.* (Lalelani, leyomiphefumulo ehlengiwe iyakhala ngaphandle lapho. Mm!)
>
> *Futhi ngase ngibona, ngezwa izwi lezingelosi eziningi zi*haqe *isihlalo sobukhosi nezidalwa namalunga: nomumo wazo wawuyi*zinkulungwane *eziyishumi z*ezinkulungwane *eziyishumi, nezinkulungwane zezinkulugwane;* (Yonk'into eZulwini ikhonza leliWundlu, niyabo.)
>
> *Zithi ngezwi elikhulu, Lifanele iWundlu* (Haleluya! Haleluya!) *elahlatshwayo ukwamukela amandla, nengcebo, nokuhlakanipha, nokunqoba, nodumo, nenkazimulo, nesibusiso.*

210 Lalelani, "Nakho konke okudaliweyo!" Lalelani okwenziwa nguJohane:

> *Nakho konke okudaliweyo okusezulwini nokuse. . . mhlabeni, nanga*phansi *komhlaba, nokungaphakathi olwandle, nakho konke okukukho, kwangizwa* (Johane) *ngithi,* Izibusiso,. . .*udumo,. . .inkazimulo,. . . amandla, akube kuye lowo o*hlezi *esihlalweni sobukhosi, na*kulo *iWundlu phakade naphakade.*

211 UJohane ufanele ukuthi ngempela waba nePhentekoste elingelakhe uqobo. Wathi, "Konke okudaliweyo okuseZulwini, konke okudaliweyo okusemhlabeni, konke okudaliweyo okungaphansi komhlaba, konke okudaliweyo okwakusolwandle, kwangizwa ngithi, 'Amen, inkazimulo, udumo, amandla, nezibusiso, akube kuYe ohlezi esiHlalweni sobukhosi, leloWundlu.'"

212 Isikhathi sokudumisa! Amen! "Babekwenza kanjani na?" Nali iZwi laKhe, wena . . . bonke balizwa.

> *Nezidalwa ezine zathi, Amen.* Uqinisile, Johane, memeza nje kakhulu futhi uMdumise ngokuzwakalayo kangangoba ungakwenza. Ku . . .
>
> . . .*kwangizwa* mina *ngithi,* Izibusiso, Amen, *inkazimulo,* ukuhlakanipha, *amandla,* nobukhulu . . .
>
> . . .*Namalunga angamashumi amabili nane awa phansi futhi akhuleka kuye lowo* ohlezi . . .*ophilayo phakade naphakade.*

213 Indaba enhle kanjena pho! Manje, anginaso sikhathi. Ngikubhale phansi, ingqikithi ethile kukho lapha, kodwa umhlangano wethu olandelayo ngaphambi kokuthi singene kulokhu . . . Mhlawumbe lapho ngiphuma eholidini lami noma ngesinye isikhathi, ngifuna ukuthola lamaviki angamashumi ayisikhombisa kaDaniyeli futhi ngikubophe khona phakathi lapha, futhi ngikukhombise lapho kukuthatha kukuyise kulo iJubili lePhentekoste, futhi ngikubuyise ngqo nalezo eziyisikhombisa izinhlu- . . . lezo zimpawu eziyisikhombisa ukuvula lapha ngaphambi nje kokuthi sihambe, futhi sikhombise ukuthi kusekupheleni, lezi . . .

214 IWundlu, uMesiya, iNkosana ifanele ifike futhi ifanele ibekhona amaviki angamashumi ayisikhombisa (leyo kwakuyiminyaka eyisikhombisa) eyaprofethwa kubantu baKhe. NeNkosana yayiyonqunywa phakathi, leyo ngemithathu nengxenye, ingxenye yesikhombisa ngemithathu nengxenye, eyonqunywa. Futhi umhlatshelo wemihla ngemihla bekuyoqedwa ngawo; nesinengiso esenza incithakalo (okwayiMoslem yase-Omar eyema emagcekeni ethempeli usuku abashisa ngalo ithempeli), futhi khona-ke kuneminyaka emithathu nengxenye esasalele u-Israyeli.

215 Futhi uKristu wafika washumayela futhi waprofetha impela nje iminyaka emithathu nengxenye, futhi umhlatshelo wemihla ngemihla wasuswa, konke nje kuphelele ngangokunokwenzeka. NeMoslem yase-Omar yayikhona ngqo . . . yakhiwa emihlabathini efanayo futhi isekhona nanamuhla. Futhi bazonyathela phansi izindonga zeJerusalema kuze kuphele isikhathi esimeselwe abeZizwe iBandla liyiswe phezulu (oKhethiweyo, uMlobokazi) ephuma lapho.

216 Nabaprofethi ababili, u-Eliya noMose, uphendukela kwa-Israyeli mayelana naleyo eminye ne—iminyaka emibili nengxenye . . . iminyaka emithathu nengxenye. Kuyinto enhle kakhulu uma uyibona ikhishwa.

217 NiyaMthanda na? Ngenhliziyo yenu yonke na? Niyaqonda manje ukuthi yayiyini iNcwadi enanyatheliswe ngezimpawu eziyisikhombisa na? OKuyikho: SiKutholile, "embhalweni ogoqwayo," manje. Futhi khumbula nje, kulezi zinsuku

zokugcina nje... Yayigcinwa eSitsheni sasemhlabeni. Niyakuqonda lokho manje na? Futhi Sasingubani leso Sitsha sasemhlabeni na? UJesu Kristu. Akekho umuntu owayenaLo, akekho owayenaLo, kwakunguYe kuphela. Kwakungalotshwanga ngisho naseZwini. Uma Lalilotshiwe eZwini, lalifihliwe ukuze ungakwazi ngisho ukuLithola. Kunjalo. Ngakho-ke kukuYe lokho oKwembuliweyo, nakuleso Sitsha sasemhlabeni ukuze Singaboli noma sigqwale.

218 Bese-ke Afike futhi adonse oyedwa abuyele eBandleni laKhe, bese ethi, "Uyabona, Nginguye izolo, namuhla, naphakade. Niyabo? Niyabo? Manje, ubulokhu uzibuza ukuthi ngabe i—ngabe isoni bandla siyosha kuze kube Phakade noma sasiyoshabaliswa nje emva kweminyaka eyisigidi. Nakhu. Kwakunjalo-ke. Ayikho into efana nesihogo saPhakade. Besingeke sibe ngunaPhakade, ngoba ngi... isihogo sasingenaMi ngenkathi Ngiqala emuva ngaleya. Ngikudalele ukujezisa ababi kuso. Niyabo? Yini oyesaba kangaka, uyabo, ngeMbewu ka-Abrahama nazo zonke lezi zinto ezihlukile na? Vele..." Lokho nje—uhlaka nje lwakho, niyabo, kodwa uma ungena ekutheni uNkulunkulu uzivula kanjani lezozimpawu, futhi azikhombise, yehla ngqo phansi; uyabona, uma wenza kanjalo, lapho-ke awukwazi ukusuka kuleNcwadi. Izimpawu lezo...

219 Wena uthi, "O, uphawu belusho okunye, Mfowethu Branham."

220 Awume umzuzu! Kufanele kuqhathaniswe naLokhu, ngoba kwananyatheliswa ngophawu kwingemuva kwalokhu ukwembula Lokhu. Kuyi... Kuyini na? Kwakuyini na? Lapha, njengalapha, uJeremiya. Wena uthi kwenzeka into *ethize-thize*; ukhipha *lokhu*, nakhu lapho lokho kukhona. Kulungile. Dabula *lokho* bese ubheka emuva lapha, nakhu lapho kufundeka okwenzekile. Kulungile. Uyayidabula *lena* lapha, bheka lapha, futhi yilokho okwenzekile. Niyabo, kuyinto efanayo naleNcwadi eyikho, niyabo, kwingemuva layo.

221 Bathi, "Awu, angiqondi. Abanye bathi, 'uBaba, iNdodana,' kanti abanye, 'uMoya oNgcwele,' kanti abanye bathi, 'iGama likaJesu,' yonk'into enjalo."

222 Bekufihliwe yonke le minyaka. Kepha manje nangu, ugingqika emuva ngqo, kubuyela emuva ngqo ukukhombisa ukuthi kunoNkulunkulu oyedwa kuphela. Akukaze kube khona ngaphandle kukaNkulunkulu oyedwa. Yiqiniso lelo. NeGama laKhe...

223 Ifana neNcwadi kaMathewu, 28:19, "Ngakho-ke hambani, nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele," futhi uYise akulona igama, neNdodana akulona igama, noMoya oNgcwele akulona igama. Manje, uzobabhaphathiza kanjani na? Yiliphi lalawo magama

ozobhaphathizela kulo, ngenkathi engewona alawo magama na? Bese kuthiwani-ke na? Ngeke ubhaphathize nganoma yiliphi igama, khona-ke. Leso yiSikole sabaProfethi futhi, niyabo.

224 Bese ubuyela kulendawo ngapha, bese uthatha indawo ngapha futhi uyibuyisele emuva bese ubuyela kuMathewu 1, Wayenzani na? Uvele wadonsa lokho kwabuyela emuva ngqo futhi ukubuyisele lapha:

> *Manje ukuzalwa kukaJesu Kristu kwabanje:* (Hhayi oNkulunkulu abathathu, manje, niyabo.) *Ngenkathi . . . unina . . . esemiselwe uJosefa, bengakahlangani, wafunyanwa ekhulelwe ngoMoya oNgcwele.* (Hhayi uNkulunkulu uBaba; "uMoya oNgcwele." Hhe?)
>
> *. . . konke lokhu kwenziwa, ukuthi . . .*
>
> Futhi *uJosefa indoda yakhe, . . . engumuntu olungileyo, . . . engathandi ukumthela ihlazo esidlangalaleni, wayefuna ukumlahla ngasese.*
>
> *. . . ngalokho, . . . esadlinza . . . bheka, ingelosi yeNkosi yabonakala* kuye *ngephupho, ithi, Josefa, ndodana kaDavide, ungesabi . . . thatha uMariya umkakho: ngokuba lokho akukhulelweyo kungo . . .* (uNkulunkulu uYise na?) *. . . uMoya oNgcwele.*

225 Bengicabanga ukuthi, "UNkulunkulu uBaba wayenguBaba waKhe." Ngikusho lokhu ngenxa yombhaphathizo ozayo. Niyabo? Bengicabanga, "UNkulunkulu uBaba wayengubaba waKhe." Manje, noma ngabe uMoya oNgcwele noNkulunkulu uYise bangoYedwa, noma Wayenobaba ababili; khona-ke Ungumntwana oyivezandlebe, bese kuthi-ke sinoNkulunkulu onjani na? Hhe? Niyabo?

> Futhi *lokhu kwe . . . konke . . . kwenzeka, ukuba kugcwaliseke . . . okwakhulunywa yiNkosi ngomprofethi, . . .*
>
> *. . . intombi nto iyaku*khulelwa, *futhi* izale *indodana, . . . bayakuyiqamba igama lokuthi* uJesu, . . . (Kunjalo na?) . . . Futhi Uyobizwa *ngoImanuweli, okungu . . . ukuthi, uNkulunkulu unathi.*

226 Manje, niyabo, ngesikhathi Edonsa emuva uphawu, iyini yonke lento kusuka kuMathewu isahluko 1 (buyela emuva)? Kungani, uJesu Kristu. Yilokho kanye nje uPetru akusho ngoSuku lwePhentekoste. Yilokho bonke abanye babo abakusho.

227 Kusobala, lesi sigejane samaRoma kwakufanele size futhi sithi, "O, qhabo! Sifanele sibe noNkulunkulu abathathu. Sine . . . " Banezinkulungwane eziyishumi zabo manje: kunoMariya noCecilia abaNgcwele, noMarcus oNgcwele, no*S'bani-bani* oNgcwele. Futhi ngicabanga ukuthi kunamakhulu amahlanu nokuthile eMexico City.

Owesifazane wabulawa esikhathini esithile esedlule ngabanye abayizithandwa zakhe, futhi bangena ekulweni belwela yena futhi bambulala, ngakho-ke bamenza ongcwele, nabantu benza ukuphenduka kuye, nayo yonk'into kanjalo. Ukukhonza imimoya yabangasekho!

228 Futhi lapha ibandla lamaProtestani liza nalokho abakubiza ngokuthi yisiVumokholo sabaPhostoli, "Ngiyakholelwa kuNkulunkulu uYise uMninimandla onke, umgcini wamazulu nomhlaba, kanye ne—nebandla eliNgcwele iRoma eliKatolika. Futhi ngiyakholelwa ekunxuseleni kwabangcwele, inhlanganyelo yabangcwele." AmaProtestani ethi ngaphansi kwesifungo sikaNkulunkulu, ukuthi uyakholelwa enhlanganyelweni nabangcwele. Lokho ngukukhonza imimoya yabangasekho! Niyabo? Futhi khona-ke bayaqhubeka futhi bakwenze, impela, ngoba ibandla lasho njalo. (O Nkulunkulu, ngijabula kanjani ukwazi lokhu engikwaziyo! Ngijabula kakhulu ngokwazi lokhu engikwaziyo!) Bengaqondi ukuthi bazinamathelisa ngophawu ngokuba baqhela bathi ngqu noNkulunkulu, baphume bangene ebumnyameni ngaleya. Futhi angeke ubatshele lutho, ngoba abakuboni ngempela.

229 Ngifuna ukubuza . . . akekho ozofanele asho lokhu. Okungenani kunabantu abayishumi nanhlanu noma abangamashumi amabili, abahlezi khona lapha, ababenecala lokucabanga ukuthi nganginguJesu Kristu. Bangakwenza kanjani na? Ngangiqonde kubo ngqo ngaze ngathola ukuthi uNkulunkulu wangitshela ukuthi "kwakungumoya." Futhi lawomadoda, ngathi . . . Futhi lawomadoda angikholwa, lonke igama. Ngathi, "Ningikholwa *kanjani* khona-ke, uma nginitshela na?" Sase sifika eZwini, base beqala ukubona, bathi, "Awu, impela, besingakukholwa noma ngabe sikulalele lokho okushilo." Niyabo lapho na?

230 Kodwa empeleni babecabanga ukuthi babeqinisile, ngobuqotho. Niyabo? Futhi omunye waleyo mimoya ungena kuwe, lokho kukwenzile, niyabo, nizokukholwa ngempela. Angikhathali, wena . . . akekho ongakutshela noma yimuphi umehluko. Niyabo? Akunandaba ukuthi iZwi likusho kangakanani, awu, wena awuLikholwa nje; vele uqhubeke nje. "Uma ufuna ukuba ngaleyondlela, wena qhubeka, futhi nginendlela yami uqobo." Niyabo, lokho kuyakhombisa ukuthi ugcotshwe ngomoya ongalungile.

231 UMoya kaNkulunkulu uzo al- . . . Awu, wena uthi, "Uthini ngawe, Mfowethu Branham na?"

232 Ngicela noma ngubani . . . Ngihlala ngilungele noma ngubani ukuthi angikhombise okuyikho nokungesikho, kodwa kufanele kube iZwi. Ngeke bathi . . . Kufanele kuvele eZwini! Ngakho-ke yilapho-ke lapho lezi zimpawu zivulwa khona. Futhi

ungalokhothi ukhathazeke, uma kuluphawu luzozimemezela lona kusuka kuGenesisi kuya eSambulweni. Ngakho-ke nazo-ke izimpawu. AniMthandi na?

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

233 Asikhothamise ikhanda lethu. [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.] Bangaki phakathi lapha abangaMazi njengoMsindisi wakho, ungathanda ukuMbizela enhliziyweni yakho na? Uyazi, ngiyakholelwa ekuyeni e-altare, empeleni ngiyakukholwa. Kuhle lokho. Kodwa eBhayibhelini abazange baye e-altare ukuthi basindiswe, bavele baLikholwa nje enhliziyweni yabo futhi baLemukela. Bangaki kini abazoza ngendlela yeBhayibheli, "Bonke abakholwa babhabhathizwa"? Bangaki okholwayo namuhla, ongakaze akwenze ngaphambilini kodwa ufuna ukuvuma esidlangalaleni ukuthi ubu "nephutha" ezindleleni zakho, futhi ufuna ukwamukela Jesu njengoMsindisi wakho na? Ningaziphakamisa nje izandla zenu namakhanda enu ekhotheme, nithi, "Ngi . . . "

234 UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, wena. UNkulunkulu akubusise, emuva le. UNkulunkulu akubusise, wena. UNkulunkulu akubusise, emuva lapho. "Sengiyakholwa manje." UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu abusise indoda emuva lapho. Manje, wena khumbula, hhayi *lapha* kodwa enhliziyweni yakho, kuNkulunkulu, wenza ukuvuma esidlangalaleni, "Nkosi, ngiyazi ukuthi sisesikhathini sokuphela. Sengiqediwe."

235 Ngelinye ilanga bengikhuluma nomngani wami omncane lapha edolobheni, uDokotela Sam Adair. Sasihleli ehhovisi. Ngathi, "Sam, bengilokhu nginomoya oyigesi."

Wathi, "Wazi kanjani ukuthi ngumoya oyigesi na? Ngasenhliziyweni yakho na?"

Ngase ngithi, "Yebo."

236 Wathi, "Lokho kungahle kube ihluli nje yenhliziyo—inhliziyo—yenhliziyo—inkathazo yenhliziyo—inkathazo yenhliziyo." Wathi . . . (Ngiyaxolisa.) Wathi, "Kungahle kube yinkathazo yenhliziyo."

237 Wathi, "Manje, wazi kanjani ukuthi ikhona lapho na?" Wathi, "Ake ngikubuke."

Wangihlola, wathi, "Qhabo, akukho lutho olungalungile kuwe."

238 Ngathi, "Sam, noma nini lapho kufika . . . " Ngineminyaka engamashumi amahlanu nambili ubudala, futhi uSam mdala kancane kunami. Ngathi, "Uma kufika, Sam, yonke leminyaka

engamashumi amathathu engiyifakile ngizama ukwenza abantu bakholwe kuJesu Kristu, naLowo engimthandayo futhi engimsebenzele sonke lesisikhathi; ayenzi mehluko kimi uma Efika, ngizokuya eKhaya."

239 Yena wathi, "Billy, uyazi, lapho ngithola okukhulu kunakho konke kwami na? Ngukwenzela omunye umuntu okuthile."

Ngathi, "Leyo yimpilo yangempela."

240 Uma unefa lapha kulomhlaba, mngani, kuyifa elibolayo. Kepha simukela ifa elingafiphaliyo. Indodana yolahleko yamuka futhi yashiya ifa layo, futhi yathatha ingxenye yalo nayo yahamba. Ngenkathi seyibuya, ifa layo—ifa layo langcoliswa. Kodwa uma ubalekele elakho, akunjalo ngombuso kaNkulunkulu, simukela ifa elingaboli. Ngabe awufuni ukuLamukela na? Cishe kube neshumi nanhlanu abaphakamisa izandla zabo, izoni ebezifuna ukwamukela ifa lazo kulokhukusa. Angabakhona yini omunye ngaphambi kokuthi sikhuleke na? Yebo.

Kancane ngempela manje:

> Ng'yaMthanda, ngi . . . (Hluza umqondo wakho manje. Uma uzizwela ukuthi ufanele, lesi bekungaba isikhathi.)
> Ngoba Wang'thanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> E . . .

UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise . . . ? . . .

241 [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.] Baba oseZulwini, ekuthuleni kwalesisikhashana, siletha kuWe lezizethameli, ngaphansi kwesimo esibuthakathaka kulokhukusa, Nkosi, ngizama ukuletha lo Mlayezo kubantu ngoba ngiyabathanda. Ngifuna baWuzwe, Nkosi. Ngifuna ukuthi bazikise okwehange. Ngifuna ukuthi bazi ukuthi zonke lezi zinto ezenziwe kuleminyaka embalwa eyedlule ayizange ibe ngenhlanhla nje, bekulokhu kunguWe, Nkosi. Kube nguWe obevula lezi zinto. Futhi, O Nkulunkulu, sonke sizizwela sengathi phambili kwethu ngqo kuneJubili elikhulu.

242 Ngikhulekela labo abaphakamise izandla zabo. Bayazi ukuthi banephutha, Nkosi. Izinto eziningi ezincane . . . Mhlawumbe badle ifa imali ethile kanye ngankathi evela kothize, kodwa yini ekwenzile na? Abazanga ukuthi iphelelephi, ivele yanyamalala nje kancane kancane, ngoba lokho ifa elibolayo. Futhi uma beyakulishiyela omunye umuntu, beliyobola futhi.

243 Kodwa sinefa elingaboliyo, okungukuthi, yinsindiso, ukuhlengwa, sibuyela emuva ensimini yase-Edeni futhi. Cabanga ngakho nje, Nkosi, ngubani obefune ukubuyela

emuva njengo-Adamu no-Eva futhi aphile emuva lapho na? Ukudla kwethu kwahlinzeka usuku ngalunye; uBaba oseZulwini uhlala njalo engasemgudwini ekhuluma nathi; niyakubona lokho kuKhanya okukhulu kuhamba phambi kwethu. Ibhubesi nempisi kudla ndawonye, inkunzi idla utshani, ibhubesi lidla kanye nayo; lapho manje ziyadlana, noma ibhubesi lidla inkunzi, nempisi idla inkunzi, nanoma yini engayidla. Kodwa ngalezo zinsuku ngeke kube ngaleyondlela. Izinyoni ezinkulu ezinhle zindiza. Ngeke kube khona usizi. Akusoze kubekhona nomaka esiwedlulile ngaphezulu kwamathemba ethu. Phansi ngasemkhondweni lapho sibona abantwana bethu, abathandekayo bethu. O Nkulunkulu, usuku olunje pho! Usuku olunje pho! Akunandaba ukuthi semukela ini lapha emhlabeni, khona—ku—kuzoshabalala konke, kodwa Lokho ngeke kushabalale.

244 Nkulunkulu, ngingahle ngingakwazi ukukhuluma kulaba bantu abaphakamise izandla zabo, lapha emhlabeni. Angazi. Ngiyethemba ngiyakwenza. Kodwa uma ngingakwenzi, khonake, Nkosi, mangihlangane nabo ezansi ngasemkhondweni lapho. Bangahle basho into ethile efana nalena, "Mfowethu Branham, uyakhumbula phansi emhlabeni ngaphambi kokuthi lento enkulu yenzeka, ngokunye ukusa wawukhuluma ngo—ngokuvulwa kwezimpawu ezazigcinwe eZitsheni zasemhlabeni na? Kwakungaleso sikhathi lapho Engena khona esitsheni sami sasemhlabeni, ngangingomunye owaphakamisa isandla sami ngalokho kusa. O, ngiyajabula kakhulu ukuthi ngangikhona lapho."

245 Ngiyothi, "Mfowethu, dadewethu, ngiyajabula kakhulu ukuthi ngangikhona, nami. Manje sinenhlanganyelo ndawonye kuyo yonke iminyaka."

246 Babusise, Baba, bangaBakho. Wena wathi, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba engamdonsi. Futhi bonke labo uBaba aNgiphe bona bazokuza, akukho namunye kubo ozolahleka." Ngakhoke si—siyabonga kakhulu, Baba, ngalokho. Kwangathi bangeza manje futhi bathole isibambiso sensindiso yabo, hhayi ukuthi bahambe bajoyine ibandla. Kodwa isibambiso akusikho ukujoyina ibandla kodwa ukuZalwa okusha, ukwemukela uMoya oNgcwele. Kwangathi bangaKwemukela, Baba. Ngokuba sikunikela ezandleni zaKho, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

247 Ngalamaduku: Nkosi Jesu, ngikhulekela phezu kwalamaduku; futhi ngicela ukuthi Uzobusisa bonke lowo abadingayo, wonke olapha, Nkosi, lona wesifazane ompofu ohlezi lapha esihlalweni samasondo.

248 Emva kwalomhlangano omkhulu kulokhukusa, Baba, ngizwa uMoya waKho oNgcwele ugcwala kithi sonke, sizwa iZwi lishona phansi ekujuleni futhi lihluma izimpande ezinhliziyweni zabantu. Abasoze bakukhohlwe, Nkosi. Sonke isikhathi lapho

bezwa lezizinto bazocabanga ngalezo zimpawu zivulwa. Manje, sisize sazi ukuthi zaziyini lezo zimpawu, Nkosi, ukuze yilowo nalowo angeke adideke emqondweni wakhe, kodwa uzokwazi kusuka ku "ISHO KANJE INKOSI" ukuthi kuwuphawu lukaNkulunkulu, izimpawu uNkulunkulu azisombululile kithi.

249 Sikhulekela ukuthi Uzophulukisa bonke abagulayo nabahluphekile. Siphe khona, Nkosi. UMoya waKho ukhona. Uma Ungasindisa isoni emuva ngemuva kwesakhiwo, Ungamphilisa umuntu ogulayo lapho, futhi. Ngiyakhuleka ukuthi Uzosipha khona, Nkosi, futhi uphulukise labo abamelwe yilamaduku abangakwazanga ukufika lapha namuhla. Sikunikela konke kuWe eGameni leNkosi Jesu Kristu. Amen.

250 Ngiyakholwa ukuthi banengane encane edinga ukunikelwa. Ingabe lowo wesifazane ulapha onengane encane na? Ungamletha phezulu kulesisikhathi na? Singathokoza ukunikela umfo omncane. Qhabo, akudingi ukuthi abemncane, wena nje woza. (Abanye bamalunga abeze beme kanye nami uma nithanda kulesisikhathi.) Mdala kangakani na? Uneminyaka emibili nohhafu ubudala. Ngubani igama lakhe na? UScott? UScott Ford, uScott Ford omncane, uneminyaka emine nohhafu ubudala, ufuna ukuba anikelwe kulokhukusa eNkosini yakhe noMsindisi, uJesu Kristu. Umama wakhe uyamletha. (Kuqondile, woza ngaphambili, mfowethu.)

251 Nkosi enomusa, siletha kuWe lengane encane kulokhukusa, ngendlela yokuyinikela. Sibeka izandla zethu phezu kwengane encane, lomfanyana, futhi sicela ukuthi amandla avusa uJesu ethuneni azophulukisa lomfana omncane. Nkulunkulu, sengathi angaphila impilo enhle enamandla. Sengathi angaphila, Nkosi, aphilele inkazimulo yaKho. Ukuthi seWuvele ungene kanjani ukusiza lengane, futhi siyaKubonga ngakho. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzoqhubeka nokuba nomfo omncane. Yiba nabazali bakhe, abathandekayo bakhe. Sengathi . . . siyazi futhi sifundisiwe ukuthi konke kusebenzelana kube ngokuhle kulabo abayithandayo iNkosi. Ukuthi lezi zinto kwesinye isikhathi zisondeza kanjani abantu eduze kuWe. Ngithandazela ukuthi Uzosinika izibusiso esizicelayo. Futhi manje, Baba, ekuthobeleni iZwi laKho, sinikela lomfanyana kuWe ngeGama likaJesu Kristu. Sengathi Ungemukela umoya wakhe omncane, umphefumulo, nomzimba, futhi umsebenzisele inkazimulo yaKho. Amen.

252 UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise, Scott omncane. Siyibonga kanjani iNkosi ngalokho!

253 Manje, ngubani ozobhaphathizwa na? Kuneqembu labantu elizobhaphathizwa, ngiyakholwa. Sisalungiselela lokho, asicule . . . Ngiyanitshela ukuthi singahle senzeni, asicule . . . Ngizodedela uMfowethu Neville akwenze. Ngiyazi kuzobe

sekulungile khona-ke. Kulungile, mnumzane, Mfowethu Neville.

254 Niyayithanda iNkosi, thanini "Amen." [Ibandla lithi, "Amen!"—Umhl.] Nizongikhulekela na? [Ibandla lithi, "Amen!"] Amen. Amen.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org